# *Sithanda Ukubona uJesu*

Ngiyabonga, Mfowethu Roy. Ningahlala phansi. Impela ngikuthatha lokhu njengenhlanhla enkulu ukuba lapha kulelidolobha elithandekayo, kulobubusuku, kanye nani maKristu, eniyizihambi nabafokazi kulomhlaba. Futhi sizisho ukuthi sifuna uMuzi o...oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu, sizisho ukuthi siyiNzalo yobuKhosi ka-Abrahama; labo abakuKristu bayiNzalo ka-Abrahama futhi bayizindlalifa kanye naYe ngokwesithembiso.

2 Ukuletha imikhonzo kini evela kwamanye amaKristu emhlabeni jikelele, futhi ngineqiniso ukuthi bangathanda ukuba lapha, sonke ndawonye, kulobubusuku, enkonzweni yokukhonza, kodwa sibheke isikhathi, lapho sizoba ndawonye, okweNkonzo yokukhonza lapho siYithwesa umqhele iNkosi yenkosi noMbusi wababusi.

3 Thina si...Bengiqonda nje ukuthi sifike lapha, ngalesisikhathi nje, lapho izinhlangano eziningana zine, ngiyakholwa, ingqungquthela. Ngiyaxolisa ukuthi sifike ngalesosikhathi, ngoba ngiyazi ukuthi nizizwa kanjani, Ngiyazi ukuthi abazalwane bazizwa kanjani...into efana nalena izokwenzeka, ngesikhathi nje ukuthi banengqungquthela yabo. NoMfowethu Eddie Byskal, umfowethu nomngane wami, yisikhathi kuphela esingaba ngaso lapha, sidlula nje, futhi yingalesosizathu bakwenze ngokushesha ngempela, izinkonzo ezintathu nje, khona-ke siqhubeka nohambo. Futhi siyethemba ukuthi uNkulunkulu uzosinika isibusiso esikhulu ngokubuthana kwethu ndawonye, futhi ngithemba ukuthi bazoba nomunye wemihlangano omkhulu kunayo yonke yekamu, noma izingqungquthela, kumbe noma yini abanayo, ababenayo iminyaka, bethemba ukuthi uNkulunkulu uzoba nabo futhi abasize.

4 Manje, kuhle ukuvakashela ngapha, futhi ubone bonke abantwana beNkosi. Kuye kwaba...Angikaze ngibe sesiqhingini phambilini. Sisanda kusuka phezulu lapha ePort Alberni, nalapho, lapho esahlangana khona nabangane bethu abangamaNdiya kanye nabantu abamhlophe abaningi, futhi sibe nomhlangano okhazimulayo wobusuku obuthathu kanye nabo. Bengifanele ngabe ukuba bengilapha entwasahlobo eyedlule, futhi angikwazanga ukuza ngalesosikhathi, ngenxa yokuqhuma kwesibhamu esikhulu engangidubula okuqondiwe ngaso. Ngase ngicosha isibhamu esikhulu esasingabholekile kahle, futhi saqhuma ebusweni bami ngqo, futhi kwacishe kwangenza impumputhe izinsuku ezimbalwa nesithulu, futhi kubi kakhulu. Bekufanele, ngendlela obekufanele kube ngayo, kubukeka sengathi, bekufanele ngabe kuqhumise umzimba

wami wonke, kusukela okhalweni lwami. Kwakucishe kube ngamaphawondi angamakhulu ayisithupha nesishiyagalombili omfutho, ngabuya ngqo, naso sonke isibhamu esikhulu nakho konke, ebusweni bami, nasesipopolweni, futhi akuzange ngisho kungenze izibazi. Ngakho ngi—ngiyabonga ngalokho. Kodwa ngangingakwazana neze ukubona, futhi ngithi ukuzwa kanzima izinsuku ezimbalwa, njengokukhala kwezinsimbi.

5 Futhi bengifanele ngihambe cishe kuthangi, futhi sisanda kuhlela umhlangano kuze kube yilesisikhathi, futhi yisona sikhathi kuphela engangingaba ngaso, ngoba kwakuzoba khona lapha eWashington, futhi yingalesosizathu siza. Futhi uma kukhona noma ubani lapha ovela kubaholi balezi ngqungquth-. . . lengqungquthela eqhubekayo, ubatshele ukuthi angikwenzanga lokhu ngamabomu, ngoba bebenengqungquthela, ngivele ngakwenza, ngoba bedlulile. Futhi abanye abantu abangakwazanga ukwethamela ingqungquthela, noma umhlangano wekhempu, noma ngabe kuyini, ngani, singakwazi ukudlula, futhi siyoba nesikhathi esincane senhlanganyelo kanye nabo. Babenohlelo lwabo, kusobala, lwase luvele luhleliwe, noma mhlawumbe ngabe ngehlela ekhempini, noma ngabe bekuyini futhi ngakhuluma nabo, kodwa bona . . . Bengiyofanele ngabe bazisa kuqala, ngoba baye—baye bamisa uhlelo lwabo, futhi bengingefune ngempela ukungena lapho omunye umuntu . . . futhi uthathe indawo yomunye umuntu. Futhi kukhona . . .

6 Silapha ukuzokhulekela abagulayo, nokukhuleka nabalahlekile, uma kukhona ongenayo ukuba akhulekelwe, singajabula ukwenza lokho, nokuhlanganyela nje ngaseZwini. Ngiyakuthanda lokho, ngibe nenhlanganyelo ngaseZwini likaNkulunkulu. Manje, uma wazi noma yimuphi ogulayo ongayithameli ikhempu noma ingqungquthela, awu, yana efonini ekuseni futhi ubashayele ucingo, asibakhiphe bonke lapha futhi sibakhulekele, futhi mhlawumbe iNkosi ingahle ibaphulukise. Ngikholwa ukuthi Izokwenza.

7 Manje, ngicabanga ukuthi ubuKristu buyakholisa, futhi bu . . . uma bushunyayelwa ngobulula babo futhi uNkulunkulu uzokwembula ubuKristu eBukhoneni obuPhilayo. Manje, uma sekukhulunywa ngesiko nje, isivumokholo, akukholisi kakhulu, ngoba ku—akuqondwa kahle kakhulu, ku . . . kukhona okungalungile ngakho. Kungalesosikhathi lapho umuntu esekonakalise ngokunezela izimfundiso-ze nokunye nokunye kukho, khona-ke akukholisi nhlobo. Kodwa ukubona nje iBhayibheli elicacile kifundwa nje, nokuLibona linyakaza futhi lihlala phakathi kwabantu, ngicabanga ukuthi kuvelele kakhulu, mina uqobo, ngi—ngilithanda ngempela. Futhi mhlawumbe . . .

8 Ngi—ngingowaseningizimu, futhi wonke umuntu, selokhu ngaba lapha, ungitshela ukuthi ngikhuluma ngokuhlekisayo.

Ngethemba ukuthi angikhulumi ngokuhlekisayo kini, ngoba ngizamile ukuphuma kukho njengokuthi, ngangengingakwenza, ukuzama ukukhuluma njengani baseCanada, kodwa a—anginakho nje kimi, mina—mina nje—nje angikwazi ukukwenza. Futhi, ukuze kuthi, ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele uzokwembula kini lokho engizama ukukuletha kini, amazwi ami—ami.

9 Futhi manje, siyakholwa ukuthi ku. . . ukuthi ubuKristu buyakholisa, futhi khona-ke siyafika, singamele noma yiliphi ihlelo elithile, kodwa siwamele onke. Futhi indlela yo. . . Sikholwa ukuthi uKristu uyiNhloko yeBandla, Alithenge ngeGazi laKhe uQobo, futhi "ngaMoya munye, sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni munye." Si—sikholwa ukuthi sijoyina izinhlangano zethu ezehlukene, kodwa sibhaphathizelwa eMzimbeni munye, uKristu, ngoMoya oNgcwele, iNkosi yinye, inkolo yinye, umbhaphathizo munye. Bengihlala ngiphawula kancane, o, hhayi njalo, kodwa izikhathi eziningana, ngithi, "Niyazi, ngingowomndeni wakwaBranham iminyaka engamashumi amahlanu nantathu, futhi abakaze bangicele ukuba ngijoyine umndeni. Ngazalwa ngingu Branham." Futhi yileyondlela engicabanga ngayo ukuthi singamaKristu. Sizalwa singumKristu.

10 Manje, sinezinhlangano zethu. Futhi izikhathi eziningi i, o, iMethodisti, iPresbyterian, iKatolika, iSheshi, nokunye nokunye, sizama ukusho ukuthi siyinhlangano yamaPentecostal. Lokho yiphutha. Thina. . . Awukwazi ukuhlela iPhentekoste, iPhentekoste liyisehlakalo sawo wonke amakholwa. Niyabo? Kuyisehlakalo. Nginabangane abaningi baseSheshi abanoMoya oNgcwele. NginamaMethodisti amaningi. . . Ngisanda kusiza ukuholela amaLuthela angamakhulu amane embhaphathizweni kaMoya oNgcwele. Niyabo? Futhi ngakho, kukhona iBethany College lonke elamukela uMoya oNgcwele ngesikhathi esisodwa. Ngakho, niyabo, aku—kusiyo i—akusiyo i—inhlangano, yisehlakalo sanoma ubani okufisayo.

11 E-Afrika phakathi kwabahedeni namaHottentot, ngibone izinkulungwane ezingamashumi amathathu abantu bomdabu boblankethe beWemukela ngesikhathi esisodwa. Ngakho, niyabo, eNdiya, lapho esasinawo khona eBombay, umbuthano omkhulu kunayo yonke engake ngakhuluma kuwo empilweni yami, embuthanweni owodwa, o, cishe ingxenye yesigidi, ngiyacabanga, kodwa ngibone izinkulungwane ziphindwe ngezinkulungwane zabo, ezingenakubalwa, ukuthi angikwazanga nokubona ukuthi babebangaki owayekhona, bemukela uKristu njengoMsindisi ngesikhathi esisodwa. Futhi babengabe. . . BabengabakaMohamedi, amaHindu, abakaBuda, amaSikh, amaJain, nokunye. Niyabo? Kodwa bona—bona bonke bemukela iPentekoste, niyabo, ngoba Lingelalowo "noma ubani othandayo," angaba ngumhlanganyeli waLo. Futhi uJesu wathi,

"Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala. Futhi konke uBaba aNgiphe khona kuzoza kiMi." Futhi ozayo, kusobala, unokuPhila okuPhakade nesiqiniseko sokuvuswa futhi ngosuku lokugcina.

12 Ngakho-ke, isiqinisekiso esinjena nokuphumula okuyikho ukuba umKristu, ukwazi lokho ngalolusuku, ukuthi lapho izwe linokwethuka kakhulu. . .Manje, angazi ukuthi abantu baseCanada bazizwa kanjani manje, kodwa abaseMelika benza okukodwa kokukhohlisa okukhulu kunakho konke kwengake ngakubona, njengeningi nje lawo wonke umhlaba. Benza sengathi abesabi, kodwa besabela ukufa. Bafihla uhulumeni kuzo zonke izinhlobo zezindawo, futhi bemba phansi emhlabathini. Kungikhumbuza ngomfana omncane edlula emathuneni ebusuku, eshaya ikhwela, ethi unesibindi esibi. Ushaya ikhwela nje ebumnyameni. Izenzo zabo zikhuluma kakhulu kunamazwi, ngoba isikhathi sesifikile lapho singeke sisawadinga nhlobo amabutho ezempi, olulodwa nje uhlanya ukuba ludonse ingcipho, umhlaba wonke uzoqhunyiswa. Angikholwa ukuthi kuzokwenzeka, uNkulunkulu akakwazi ukwehlula inhloso yaKhe. Umhlaba wabekwa lapha, futhi kuzoba khona ukubusa kweminyaka eyinkulungwane phezu komhlaba, iminyaka eyinkulungwane, emva kokuba iBandla seliyiswe eKhaya. Ngakho-ke umhlaba ngeke uqhunyiswe, ngakho qiniseka nje ukuthi angeke kwenzeke, ukukhohlisa nje.

13 "Futhi lapho lemibono iqala ukwenzeka, khona-ke siphakamise amakhanda ethu; ukuhlengwa kuyasondela." Ungabuki phansi futhi ukhandleke, siyeza nje endaweni yokuFika kweNkosi yethu uJesu. Esikhundleni sokukhandleka, sifanele sibe abantu abajabule kakhulu kunabo bonke emhlabeni wonke, futhi sinjalo, impela, sinjalo, ngoba asiwesabi amabhomu. Ngani, amabhomu awasikhathazi.

14 Futhi njengoba ngishilo ngobunye ubusuku, awukwazi ukumba kude ngokwanele ukuba ukubalekele. Ngani, asenziwanga imvukuzane, senzelwa ukuba siphile phezulu, umhlaba. Niyabo? Sihlale ngokuthula nangothando, sethemba uNkulunkulu. Futhi bazama ukwakha izindawo zokukhosela zamabhomu futhi bazakha ngensimbi. Ngani, uma ubungamba amafidi ayisigidi ngaphansi komhlaba, ngani, ubuyobe usalahlekile ngokushesha nje lapho ibhomu lishaya. Uma lishaya noma yikuphi phakathi kwekhulu, noma amamayela angamakhulu amabili ukusuka kuwe, ngani, lokho kuxukuzeka bekungaphula wonke amathambo emzimbeni wakho phansi lapho. Iyosakaza umgodi ojule ngamayadi ayikhulu namashumi amahlanu, nangamamayela ayikhulu namashumi amahlanu isikwele, futhi yileyo abasazisa ngayo. Asazi ukuthi bathole ini abangasazisanga ngayo.

15 Kodwa niyazi, kunento eyodwa enhle, niyazi, isayensi ingeza zonke izinhlobo zezinto, kodwa uNkulunkulu ungaphambili le

kwalokho, sinendawo yokukhosela yamabhomu, ayenziwanga ngensimbi, yenziwe ngezimpaphe, ngaphansi kwamaphiko aKhe, siyaphumula. Lapho nje liqhuma . . . ngaphambi kokuba liqhume, siyobe sesiqhubekile, sangena eZweni, lapho okungekho khona ukugula, usizi, lapho ukuguga kuyovuselelwa kubuyele ebusheni, futhi Lapho kuyoba ngaleyondlela kuze kube phakade. Akuyona induduzo leyo ye, ikakhulukazi, thina bantu abadala na? Intsha . . . Kodwa khumbula nje, kungukuphenduka kwelanga nje.

16 Bengikhuluma eKiwanis lapha kungekudala, futhi kwakukhona udokotela oyedwa okahle, odokotela abaningana babekhona futhi babengibuza ngempilo yobuthunywa benkolo nokunye nokunye, nodokotela oyedwa okahle, indoda elungile ngokubukekayo, kodwa akakukholwanga nje lokho, ngokuzalwa kwentombi, futhi wavele wathi akakholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu.

17 Futhi ngathi, "Angifuni neze ukuthi ubeke ummese wokuhlinza kimi. Ngiyesaba ukukwethemba, Dokotela, uma ungakholelwa kuNkulunkulu." Futhi ngakho omunye uchwepheshe wesifo wayemi eduze kwami, owayeyikholwa lokuqina.

Futhi wathi, "Awu, ngicabanga ukuthi noma yini engafakazelwanga ngokwesayense ayilona iqiniso, Mnu. Branham." Wathi, "Ngiyakholelwa kwisayense."

18 Ngathi, "Kanjalo nami, ngikholwa ukuthi ungakhwela esihlahleni sesayense uze ufinyelele ekupheleni kwaso, bese-ke uwela esihlahleni sokukholwa futhi nje uqhubeke nokukhwela," Ngathi, "ngoba yi . . . Ngiyakholelwa ekukhweleni esihlahleni."

Wathi, "Awu, noma yini engeke ifakazelwe ngokwesayense ayilona iqiniso."

"O," ngathi, "Dokotela, lokho kuyisitatimende esesabekayo ukuba usenze."

Futhi wathi, "Kungani kunjalo na?"

Ngathi, "Ngizothatha okuphambene nalokho: Noma yini engafakazelwa ngokwesayense ayilona iqiniso."

"O," wathi, "uyakhuluma, Mfowethu Branham, sengathi ubuphazamisekile."

19 "Awu," ngathi, "uma uthi akukho Nkulunkulu, ukhuluma sengathi uyihlongandlebe. Ngakho, 'Isiwula sithi enhliziyweni yaso, "Akekho uNkulunkulu."'" Ngakho saqala ukukhuluma ngokusobala ngempela omunye komunye, futhi ngathi, "Manje, buka, dokotela. Ingabe uyindoda eshadile na?"

Wathi, "Ngiyiyo."

Ngathi, "Uyamthanda umkakho na?"

Wathi, "Ukube bengingamthandi, bengingeke ngimshade."

"Ingabe unabo abantwana na?"

"Yebo."

Ngathi, "Manje-ke uyini umehluko wothando, lolo onalo kumkakho, kunanoma yimuphi omunye umuntu wesifazane na?"

"O," wathi, "ngoba ungumkami, abantwana bami . . . umama wabantwana bami."

Ngathi, "Kunjalo." Niyabo? Ngambamba ngelakhe iqhinga-ke. Ngathi, "Utheni na? Uyamthanda na?"

Wathi, "Yebo."

Ngathi, "Wazi kanjani ukuthi uyamthanda na?"

Wathi, "Awu, kusobala, ngiyazi ukuthi ngiyamthanda."

20 Ngathi, "Kulungile-ke, luyini uthando na? Ngibonise ngokwesayensi. Ake sehlele esitolo semithi, futhi ungijove ngephawondi lwalo, ngaphakathi emithanjeni yami, ngiyaludinga."

21 Khona-ke, ngokusho kwakhe, ayikho into okuthiwa uthando ngoba awukwazi ukufakazisa ngokwesayense ukuthi yini engaphakathi kuwe ewuthando. Zonke izikhali zomKristu ziwukukholwa, azibonakali. Niyabo? Siyini isikhali somKristu na? Uthando, injabulo, ukuthula, ukukholwa, ukubekezela, ubumnene, ukukhuthazela, ububele, ukubekezela, uMoya oNgcwele, uNkulunkulu, iziNgelosi. Konke kungaphezu kwemvelo. Futhi yonke into yemvelo ivela emhlabeni futhi iyobuyela emhlabeni. Yizinto nje ezingaphezu kwemvelo eziphilayo, eziPhakade.

Benginento encane kuye. Ngathi, "Dokotela, ngizokubuza umbuzo. Uyakholwa ukuthi umuntu wenziwa ngothuli lomhlaba na?"

22 Wathi, "O, ngi—ngingase . . . ngiyakholwa ukuthi umuntu uwuthuli lomhlaba. Yebo, mnumzane." Wathi, "Uyabona . . . Udla ukudla, futhi ukudla kuphendukele e . . . egazini, futhi igazi lakha izicubu. Futhi ngakho-ke, kuyeza . . . Uyadla i . . . njengoba udla inyama, nokunye nokunye, futhi kwakha ikhalsiyamu, ipotashi, nanoma yini, i-ayoni, ne . . . okudingela umzimba wakho, futhi kuyawakha."

23 Ngathi, "Ngakho-ke, mhlawumbe ngaphansi kwenye indlela, uyakholwa ukuthi umuntu wavela othulini lomhlaba, kodwa uNkulunkulu, ekuqaleni, akazange amdale umuntu wasekuqaleni esingumkhiqizo wakhe."

Futhi wathi, "Mhlawumbe yindlela obungakusho ngayo."

24 Ngakho ngathi, "Ngithanda ukukubuza, umbuzo." Futhi ngathi, "Manje, sizosho okuthize lapha. Ngizo . . . Ngabe kunjalo ukuthi ngenziwa ngemisuka eyishumi nesithupha (Wena ukuvumile lokho.) . . . "

"Yebo."

25 " . . . zomhlabathi? Manje-ke, lapho ngineminyaka eyishumi nanhlanu ubudala, ngangiwumfanyana onamandla, oqinile. Futhi manje, njalo lapho ngidla, wena uthi ngi . . . ukudla kwenza amangqamuzana egazi."

Wathi, "Lokho kunjalo."

26 Ngathi, "Khona-ke njalo lapho ngidla ngivuselela impilo yami." Lokho kunjalo. Igazi lingukuphila, ukuphila kuyigazi, impela. Niyabo? "Njalo lapho ngidla ngivuselela impilo yami."

Wathi, "Lokho kunjalo."

27 Ngathi, "Khona-ke inqobo nje ngidla, ngiyoke ngifelani na? Niyabo? Inqobo nje uma uhlohla ukudla lapho, ngingake ngifele ini na? Niyabo, ngoba ngamangqamuzana egazi engiphila ngawo, nokudla kwenza amangqamuzana egazi. Futhi khona-ke, uma—uma ngivuselela impilo yami . . . " Ngathi, "Nansi enye into engingathana ukukubuza yona. Ngenkathi ngineshumi nesithupha, ngidla ukudla okufanayo engikudlayo njengamanje, kodwa manje ngidla kakhulu futhi kangcono. Futhi ngenkathi ngineshumi nesithupha, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha, njalo uma ngidla ngangibamkhulu futhi nginamandla. Khona-ke khona manjalo lapho ngishaya, ngokwe, cishe iminyaka engamashumi amabili nanye, kusukela kulokho kuya cishe kwengamashumi amabili nantathu, ngangimile nse. Manje, nginamashumi amahlanu. Ngidla ukudla okufanayo engikudlayo ngaleso sikhathi, futhi kungani ngiba buthakathaka futhi ngisha ngaso sonke isikhathi, esikhundleni sokukhula, lapho ngidla ukudla okufanayo, ngifaka uhlobo olufanayo lokuphila kimi na?" Kukhona okukodwa kwenu.

28 Lapha, ukuba bengiphethe ujeke esandleni sami, noma imbiza, ngithela amanzi engilazini, futhi ngithela amanzi kulo omkhulu, ujeke ogcwele, noma ingilazi, noma imbiza engilazini, futhi igcwala uhhafu, bese kuthi-ke ngithela ngokushesha, futhi lapho ngithela kakhulu, aya ehla kakhulu. Ngifakazele ngokwesayensi ukuthi kwenzekeni engilazini yamanzi. Ayikho impendulo kulokho. Niyabo?

29 Awu, lokho kuyinto efanayo. Ngifaka ukudla emzimbeni wami ngineshumi nesithupha, nginonyaka owodwa ubudala kuze kube ishumi nesithupha kuqhubeke. Lapho ngizalwa, ngaqala ukudla ukudla komhlabathi, futhi ngaqala ukuba namandla namandla, futhi ngikhudlwana, ngiyindoda enkulu ngokwedlulele ngaso sonke isikhathi, futhi konke khona manjalo kuyama. Ngithele ukudla okufanayo, kuqhubeke kwehla *kanje*, ngenkathi ngangithulula ukudla kukhuphuka *kanjalo*. Niyabo? Ayikho nje impendulo yakho, mngane. UNkulunkulu wenze isikhathi sokubonana, futhi yilapho okuhlala khona. Ngakho-ke, kososayense, kwezemfundo,

kwakho konke okukhona ezweni, Ngisekela ukukholwa kwami phezu kweZwi likaNkulunkulu naLelo kuphela.

30 Ngivela kwisisekelo samaKatolika, ngingumIrishi. Abantu bami ngaphambi kwami, hhayi ubaba nomama, kodwa isizukulwane esilandelayo, bavela eDublin, e-Ireland, futhi babe—futhi babengamaKatolika. Ngenkathi ngangi . . . Ngazi ngoNkulunkulu ngisengumfanyana, Ngangifuna ukuthola ukuthi wayengubani uNkulunkulu, futhi abantu bami babengayi esontweni. Ngakho ngabuza umpristi ngoNkulunkulu, futhi wathi, "UNkulunkulu usebandleni laKhe, yilapho uNkulunkulu ehlala khona. Ufanele ube ngowebandla laKhe."

Ngathi, "Ngifanele ngibe ngowalo kanjani na?" Kusobala, nina maKatolika niyakuqonda engakutshelwa.

31 Khona-ke ngithola ukuthi . . . Ngadlala komakhelwane bamaJalimane lapho engakhulela khona, abantu okuthiwa uHalman, uRoderick, uFisher, uRoder, njalonjalo. Kwakuwukuphela kwami . . . Omunye umfana nami kwakuwukuphela kwabafana base-Ireland esikoleni sonke. Awu, lababafana babengamaLuthela bonke, awu basho ukuthi bona . . . ibandla labo kwakuyibandla. Ngase-ke ngithola ukuthi kwakukhona elinye ibandla elalibizwa ngeBaptisti, iPresbyterian, iSheshi. O, he! Awu, yiliphi kulawomabandla Akulo na? Yilokho engangizibuza khona. Ukuphi Yena na? Uma *leli* liqinisile, *leli* lifanele libe nephutha, ngoba aphambene elinye kwelinye. Manje, yiliphi kulawomabandla uNkulunkulu akulo na?

32 Ngahlala phansi, ngaqala ukufunda iBhayibheli, ngibuka imvelo. Ngithola ukuthi iBhayibheli lakusho lokho "Yilowo nalowo oyosusa noma yini kuleliBhayibheli, noma enezele noma yini kuLo, okufanayo kuyosuswa engxenyeni yakhe yeNcwadi yokuPhila." Ngakho ngibonile ukuthi uNkulunkulu uyokwahlulela izwe ngolunye usuku ngoJesu Kristu neZwi laKhe. Manje, ngakho-ke, ngiyalikholwa iBhayibheli. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu angenza izinto ezingalotshwanga eZwini laKhe, kodwa inqobo nje uma Enza lokho Anakho eZwini, khona-ke ngenelisekile ngalokho.

33 Manje, abanye benu bazalwane, khumbulani eTestamenteni eLidala, babenendlela yokuthola noma ngabe umprofethi wayekhuluma iqiniso, noma umphuphi wayephupha kahle, iphupho lakhe lalivela kuNkulunkulu. Babemyisa ethempelini, lapho isivikelo sesifuba sika-Aroni sasilenga khona, futhi sasibizwa ngokuthi i-Urimi neThumimi. Abaningi benu bantu niyazi ngakho, nifunda iBhayibheli. Futhi ngenkathi lomprofethi eqala ukuprofetha, nalezo zibani ezingaphezu kwemvelo azizange ziphume kulokho, njengothingo oluwela lokho, kwenza i-Urimi neThumimi kulesosivikelo sesifuba,

kungakhathaleki ukuthi kuzwakala kungokoqobo kangakanani, abazange bakukholwe. Qhabo, mnumzane. Kwakufanele kuphendulwe nguNkulunkulu.

34 Manje, iTestamente eLidala laqedwa futhi lagcwaliseka, aliqedwanga, kodwa lagcwaliseka. Futhi ngenkathi kwenzeka, sathatha iTestamente eLisha. Manje, i-Urimi neThumimi endala yabuyele ebupristini bukaLevi, phansi kwesifuba sika-Aroni, kodwa ngalesisikhathi sinezinye izibhebhe ezimbili zomthetho, iTestamente eLisha neLidala. Futhi leyo yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu kimi. Uma uNkulunkulu engaphenduli ngeZwi laKhe lapho sibona okuthize, khona-ke ngiyakuyeka nje. Kodwa inqobo nje uma KuyiZwi, khona-ke ngiyazi ukuthi amazulu nomhlaba kuyodlula kodwa iZwi laKhe alisoze lehluleka.

35 Ngakho-ke, ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyiQiniso eliphelele likaNkulunkulu, futhi akunakwengezwa kuLo, noma kususwe, kodwa laphila nje, lashunyayelwa ngobulula baLo, laphilwa ngendlela eLalotshwa ngayo, noNkulunkulu unjalo, uma Wake waba nguNkulunkulu, UsenguNkulunkulu. Futhi uma *Leli* kuyiZwi laKhe, futhi Wenza isithembiso ukuthi Angeke asisekele, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.

36 Futhi ngitholile kuze kube manje, bangane, ngineminyaka engamashumi amathathu nanye ngemuva komsamo, ipulpiti, Angikaze ngibone noma yini Ayethembisa ngaphandle kwalokho Ayezokwenza. Kunjalo. NgiMcele izinto engingazitholanga, kodwa angikaze ngiMcele, ngobuqotho, nganoma yini ngaphandle kwalokho Anginika khona noma wangitshela ukuthi kungani Enganginikanga khona. Ziningi izinto engingazazi, nginesiphelo, Akanasiphelo, ngakho, uNkulunkulu omkhulu ongenasiphelo, futhi mina, indoda enesiphelo, ziningi izinto engizifisayo okungeke kulunge kimi ukuba nazo, ngakho ngiyaMthemba nje, njengoBaba wami, ukuthi anginika okufanele.

37 Futhi silapha, kulobubusuku, ukuzokhuleka nani, futhi sikhulume nani ngeZwi, lemihlangano emithathu elandelayo, kusasa ebusuku nangeSonto ntambama, futhi ngiyethemba ukuthi nizonginaka ngokuphelele, futhi ngeke ngihlale ndawo kodwa khona ngqo emakhasini eNcwadi. Futhi angiyishumayeli iMfundiso emihlanganweni, Ngiphandle lapha ukugcina uMlayezo ulula, ukukhulekela bonke abantwana bakaNkulunkulu. Futhi imibuzo yezenkolo ongase ube nayo engqondweni yakho, Bengingakweluleka buza umelusi wakho hhayi mina, ngoba wonke umuntu uhola umhlambi wakhe. Futhi uma ekhona . . . umelusi ukuhole ngokuphepha kuze kube manje, mthembe indlela yonke. Yena . . . Uma enikhulisile ukuba nigcwaliswe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi niphile impilo engethemba ukuthi niyayiphila, ngani, methembe indlela yonke, yena, angakwazi ukuphendula imibuzo yakho.

38 Manje, ngokukholwa iZwi, sinomlayezo omncane nje osemthethweni esethula ngawo umkhankaso ngamunye, futhi lokho kuyindaba yokuthi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade." Uma . . . Manje, siyazi ukuthi lelo yiBhayibheli, amaHeberu 13:8. Futhi manje, nginesinye isiqeshana somBhalo engifuna ukusifunda, bese kuthi-ke, lokho kutholakala kuJohane oNgcwele 12:20, futhi nje sikhulume imizuzu embalwa ngomBhalo, futhi sikhulekele abagulayo, sizame ukunikhulula kusenesikhathi, ngoba ngiyazi ukuthi abantu basedolobheni banemisebenzi yasedolobheni, futhi bafanele bangene emsebenzini. Futhi asikho lapha komunye wemikhankaso emikhulu, kodwa ngithemba ukuthi ngolunye usuku ukuthi singabuya, ukuze sibe neviki noma amabili esizo . . . Kodwa umhlangano omncane nje oyisingeniso.

39 Nizo, kusobala, ngeke nikwazi ukubamba, ngineqiniso, incazelo ephelele yomhlangano esikhuluma ngawo, nokuthi kanjani uMoya oNgcwele . . . Kodwa ngiyakucela, njengomngane wami nanjengekholwa elingumKristu lapha, kulobubusuku, ukuthi uzohlola esikushoyo ngomBhalo. Futhi uma kungesikho ngokomBhalo, khona-ke niyangikweleta ukungitshela ngakho, ningibonise lapho kuyiphutha khona. Futhi uma kungokomBhalo, khona-ke nibophezelekile ukulalela umBhalo.

40 Manje, ngaphambi kokuba sifunde, asikhulume noMqalisi njengoba sikhothamisa amakhanda ethu. Amakhanda ethu ekhotheme, angazi e . . . lapha enhliziyweni yami uqobo, kulobubusuku, uma kukhona izicelo onga . . . onazo enhliziyweni yakho, ofuna uNkulunkulu azigcwalise ngalomhlangano. Ningaziphakamisa izandla zenu, namakhanda enu ekhotheme na? Futhi enhliziyweni yakho uthi, "Nkosi Jesu, ngifuna Uphendule isicelo sami kulomhlangano. Nginothile ogulayo. Ngiyagula qobo lwami. Nginomngani olahlekile, umfowethu, udadewethu, umntwana, umyeni. Bakhumbule, Baba Nkulunkulu, ngalomhlangano, kwangathi kungenzeka okuthize ukuthi bazosindiswa futhi baphulukiswe." UNkulunkulu anibusise.

41 Baba wethu waseZulwini, sisondela esiHlalweni saKho somusa ngalesisikhathi, nakulelihora, ngikholwa ukuthi Uzophendula isicelo ngasinye. SiyaKubonga ngalokhu kwethembeka, nanjenge . . . sikusho ngokuthi, umbuthano "wasebukhosini" waseCanada. Futhi Nkosi, sifuna ukwethembeka kuNkulunkulu wethu. Ngakho sibuthene phandle kulentambama eshisayo ukuMkhonza ngoMoya weQiniso laKhe. Futhi siyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzobusisa ubuntu bethu.

42 Busisa labo bazalwane abanomkhankaso oqhubekayo. Sikhulekela ukuthi Uzoba kuleyomihlangano, Nkosi, futhi ubanike okwedlulele ngokuchichima ngaphezu kwakho konke abebengakwenza noma bakucabange.

43 Manje, siyacela, kulobubusuku, ngalezizicelo. Lababantu banokuthile enhliziyweni yabo, iningi lebandla lonke kulobubusuku baphakamise izandla zabo. Kunento ethile ngaphansi kwalesosandla, Nkosi, enhliziyweni. Ngeke yini Ubanikeze na? Manje, nginikela umkhuleko wami, njengoba bekhuleka buthule, ngikhuleka kuWe ukuthi... Umkhuleko wami ukuthi Uzophendula izicelo zabo. Ngibeka umkhuleko wami nowabo phezu kwe-Altare laKho legolide ngalowoMhlatshelo, iNkosi uJesu. Sizwe, Nkulunkulu. Wasitshela, "Celani noma yini kuBaba eGameni laMi, Ngiyolwenza." Manje siyakhuleka ukuthi Uzosipha lesisicelo, futhi usiphe esikhulu, isikhathi esithandekayo ndawonye, njengoba sihlanganyela ngaseZwini. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

44 Manje, eNcwadini kaJohane oNgcwele 12 ne—i...sizoqala evesini lama 20, futhi sifunde ivesi lama 20 nelama 21.

> *Kwakukhona amaGreki athile phakathi kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:*
>
> *Lawo-ke aya kuFiliphu waseBetsayida laseGalile,* acela *kuye, athi: Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.*

Manje, okwendaba ngingathanda ukuthatha leso, *Sithanda Ukubona UJesu*. Indikimba, amaHeberu 13:8:

> *UJesu Kristu nguyena izolo,...namuhla, naphakade.*

45 Manje, ake sibheke ngqo ebusweni beZwi likaNkulunkulu. Manje, iBhayibheli lasho, lapha, ukuthi kwakukhona amaGreki ayenyukele ukuzokhonza ayezwile ngoJesu, futhi afika, komunye wabafundi baKhe, ukubona ukuthi babengaMbona yini, futhi banikezwa leyonhlanhla. Manje, i...Bangaki lapha abangathanda ukubona uJesu, ngokusuka enhliziyweni yenu nje ngempela na? Sonke. Niyazibona izandla zami na? Awu, khona-ke umbuzo yilo: Manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi isifiso sethu siyisifiso esifanayo salawomaGreki, kungani singenakuMbona na? Niyabo? Futhi niyabo, ungeke walenza iBhayibheli lisho into engalungile, ngoba aLiyisho. Manje, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu, Uzofanele ame ngakuleliZwi, Ufanele aligcine leloZwi ukuze abe nguNkulunkulu.

46 Manje, lamaGreki ayefisa ukuMbona. Akabheki buso-bamuntu, kusho iBhayibheli. Futhi ayefisa ukuMbona, futhi anikwa inhlanhla yokuMbona. Manje, umBhalo awusho ukuthi akhuluma naYe, aMbona nje. Futhi yilokho esifuna ukukwenza, sifuna ukuMbona.

47 Manje, siyazi ukuthi Wayenguye...Wahlupheka ngaphansi kukaPontu Pilatu. Wabethelwa esiphambanweni, wafa, wembelwa, wavuka ngosuku lwesithathu, futhi wenyukela eZulwini, futhi manje uhlezi ngakwesokunene sobukhosi bukaNkulunkulu kweliPhezulu, ophilayo njalo ukuze

asinxusele ekuvumeni kwethu izono; siyakwazi lokho. Futhi Yena u, njengamanje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Siyazi ukuthi iBhayibheli lifundisa lokho, iTestamente eLisha.

48 Manje, uma isifiso sethu kulobubusuku, njengebandla labantu elibuthene ndawonye. . . Kwakukhona ababili kuphela ngalesosikhathi, futhi babefanele baMbone, futhi manje, mhlawumbe kukhona ikhulu namashumi amahlanu, futhi sifuna ukuMbona. Ngakho uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, asiMbone, futhi sibone ukuthi Wayeyini.

49 Hlobo luni lomuntu ocabanga ukuthi lawo maGreki ayembhekile na? Ingabe babefbheke urabi ogqoke izingubo zakhe nesigqoko esiwumshuqulo na? Awu, noma iyiphi indoda yayingagqoka izingubo ezinde nesigqoko esiwumshuqulo; noma yimuphi umuntu namuhla angenza into efanayo. Ngakho uma sibonile umuntu, futhi safuna ukubona uJesu, owayenguMesiya, uKristu ogcotshiweyo, khona-ke singabona noma yimuphi umuntu khona-ke ofake umshuqulo ne—nejazi njengoba bebengacabanga ukuthi Ubezogqoka, njengompristi, lowo bekungaba nguJesu. Bekungadida kakhulu-ke, ukubona amadoda amaningi agqoka kanjalo. Ngakho babengafuni ukubona ingubo yaKhe.

50 Ngakho mhlawumbe, babefuna ukubona isimo saKhe sokuma, mhlawumbe ukuthi Wayephakeme kangakanani, ukuthi Wayezoba namahlombe amakhulu kangakanani, noma imfashini ethile Aye—Ayeyenze ezinweleni zaKhe, noma okuthize; khona-ke noma yimuphi umuntu wayengakulingisa lokho. Kodwa babefuna ukubona Ogcotshiweyo. Ngakho uma babefuna ukubona Ogcotshiweyo, babeyo—babeyobheka uKristu ogcotshiwe.

51 Manje, iBhayibheli lasho. . . Ngifunda uJohane oNgcwele, sibuyela esahlukweni 1 sikaJohane oNgcwele futhi sibone nje lokho Ayeyikho, sesicishe sifike maphakathi, isahluko se 12 manje, sikaJohane oNgcwele. Ake sibuyele kwesokuqala sikaJohane oNgcwele ukubona ukuthi Wayeyini, futhi uma singathola ukuthi Wa*yeyini*, khona-ke siyazi ukuthi U*yini*. Ngabe kunjalo na? Khona-ke sizokwazi ukuthi sifunani.

52 Manje, uma Engafika kulelidolobha elithandekayo, kulesisiqhingi esihle lapha, saseVictoria lapha, futhi besizobe sibheke Yena, futhi sikhona kulobubusuku, futhi nasi isethembiso saKhe sokuthi Usafana, khona-ke sifanele sithole ukuthi yini esiyibhekayo. Uma singathanda, thina. . . Uma kungukugqoka, mhlawumbe sizokwehla futhi sibone, mhlasimbe, mhlawumbe umpristi webandla lomthetho kungenzeka ukuthi wayegqoke ngendlela Ayegqoke ngayo, noma—noma umJuda othile. Wayengagqoki okwehlukile kumuntu ojwayelekile wasemgwaqeni, kodwa Wayevele

wagqoka ingubo ejwayelekile, Akazange agqoke noma yiziphi izingubo zenkolo, ngoba Wangena kunamadoda, futhi awazange aqaphele ukuthi WayeNgubani, ngoba Wayegqoke njengomuntu ojwayelekile nje. Ngikholwa ukuthi ukuba Ubelapha namhlanje Ubeyoba yiNdoda ebukekayo ehlanzekile, egqoke isudi, uthayi, njenganoma iyiphi enye indoda. Ubengeke agqoke zonke izingubo zenkolo, angikholwa ukuthi Ubezokwenza lokho. A—ngicabangi ukuthi uphaphe lwenza inyoni, futhi yimvelo yenyoni, ngoba izinyoni ezinhle kakhulu esinazo yimithuthambi. Ngakho thina . . . Uphaphe aluyenzi inyoni. Ngakho kwakungo*Kuthize* kuYe lamaGreki ayefuna ukukubona. Futhi yilokho esifuna ukukubona kulobubusuku. Sifuna ukubona, hhayi . . .

53 Manje, uma singathi, "Ake sehlele edolobheni futhi siqalaze, bangitshela ukuthi uJesu usedolobheni, asihambe siyoMfuna." Uma singabuka, futhi sehle ngomgwaqo, futhi sithole indoda enezibazi esandleni sayo, nemilobo yezipikili, nasebunzini layo, lapha, yayinezibazi zameva, negazi lalehlele ebusweni bayo, futhi sayithola inezibazi zezipikili ezinyaweni zayo, noma yimuphi umzenzisi abengaba nakho lokho. Impela. Noma ubani. Sifanele sibheke Lokho Ayeyikho, uMuntu kaJesu. Ngakho manje, ake sibone ukuthi uMuntu waKhe wayeYini.

54 Manje, uJohane wathi esahlukweni 1, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi . . . " Manje, izwi liwumcabango oveziwe. Umcabango kuqala, uyawucabanga, bese uyawukhuluma. Futhi WayeyiZwi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi uLizwi waba yinyama futhi wakha phakathi kwethu." Ngabe kunjalo na? "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, noLizwi . . . " Ngoba Kwakungumcabango waKhe ngaphambi kokuba ALizwakalise, futhi KwakunguNkulunkulu. Futhi ngenkathi ELizwakalisa, Laba nguNkulunkulu, ngoba iZwi liyingxenye kaNkulunkulu, njengoba nje uyingxenye yezwi lakho. Futhi ngenkathi ELizwakalisa, Laba nguNkulunkulu. Futhi lelo "Zwi lenziwa inyama, futhi lakha phakathi kwethu. Futhi saMbona, ozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa."

55 Manje, uma WayeyiZwi ngaleyonkathi, elizwakalisiwe neZwi elibonakalisiwe, khona-ke Uyofanele abe yiNto efanayo kulobubusuku, ngoba lapho uNkulunkulu ekhuluma, Akasoze aLihoxisa. Niyabo, yileyondlela ofanele ube nethemba ngayo eBhayibhelini lakho. Liyi . . . IBhayibheli lakho yilokhu: UNkulunkulu waloba ephepheni ngendlela yeZwi, ngoba UnguNkulunkulu. Ngisho neTestamente eLidala, iBhayibheli lasho ukuthi iZwi likaNkulunkulu lafika kubaprofethi. Abaprofethi, iZwi likaNkulunkulu lafika kubo.

56 Manje, ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Wathi kulabo ababengaMkholwa . . . "Wayengumuntu ojwayelekile, futhi wayezibiza ngoNkulunkulu." Wathi, "Uma uzenza ulingane

noNkulunkulu siyazi ukuthi uyahlanya." Futhi igama elithi *hlanya* lapho, kusobala siyaqonda, lisho "ukusangana." Futhi, "Uyasangana. Wena ungumSamariya, unodeveli," kanjalo kanjalo, kodwa uJesu wathi, "Hlolani imiBhalo; ngokuba nithi kuYo ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYo efakazisa ngaMi. YiYo efakaza ngaMi." *Ukufakaza* uku "qinisa."

57 Uma uya ecaleni uyoba ufakazi, ufakazela othile. Niyabo? Futhi uJesu wathi, "ImiBhalo Yiyo efakaza ngaMi." Khona-ke WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakaliswe enyameni yomuntu. Niyakubona na? Isithembiso sikaNkulunkulu senziwe inyama ukuZibonakalisa, yilokho uKristu ayeyikho, iZwi likaNkulunkulu libonakaliswe ngesimo somuntu. "ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." Waphinda wathi kubo, "Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa nakuba ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi." Niyabo, lowo nguNkulunkulu EZibonakalisa enyameni. WayenguNkulunkulu enziwe inyama, iZwi, iZwi eliphilayo.

58 Yingalesosizathu, maKristu, ngicabanga ukuthi kuyiqiniso kakhulu kulobubusuku, futhi ukuze siphile uhlobo olulungile lwempilo, ngoba, niyabo, baningi abantu, abangeke babenesikhathi sokufunda iBhayibheli, kodwa bazofunda nina. Niyabo, niyincwadi kaNkulunkulu ebhaliwe. Owangempela, oweqiniso, umKristu ozelwe ngokusha uyiZwi elibonakalisiwe futhi, ngoba niyizincwadi zikaNkulunkulu ezilotshiweyo, ezifundwa ngabantu bonke. Sifanele sibe luhlobo luni lomuntu, uma sazi ukuthi izimpilo zethu zingelivulekile, iBhayibheli eliphilayo kongakholwayo, ukubonakalisa uNkulunkulu empilweni yethu uqobo na? Qaphelani. Manje, siyabona "WayeyiZwi. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." Manje, sithola ukuthi, kumaHeberu, nina enikubhala phansi, amaHeberu 4:12, iBhayibheli lasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lahlukanise, nomnkantsha wethambo, nomaHluleli wemicabango esenhliziyweni." IZwi likaNkulunkulu lehlukanisa umcabango osenhliziyweni yakho. Ngakho-ke, uNkulunkulu kulobubusuku, eyiZwi, wazi ncamashi ngisho ukuthi ucabangani ngawo wona lomzuzu. Ngakho akufanele yini imicabango yethu ibe msulwa, ihlanzeke, ibe ngcwele, ihlale icabanga okukwedlula konke na?

59 UJesu wathi kubaFarisi, wathi, "Ungakhuluma kanjani izinto ezinhle na? Ngoba ngaphandle kwe. . . " wathi, "nina bazenzisi," wathi, "ngokuchichima kwenhliziyo umlomo uyakhuluma." Niyabo, babecabanga okuthile enhliziyweni yabo futhi bekhuluma into ehlukile ngomlomo wabo, ngakho lokho kwabenza abazenzisi. Wathi, "Ungakhuluma kanjani izinto ezinhle, lapho ngokuchichima kwenhliziyo. . . " Wayazi ukuthi yini eyayisenhliziyweni yabo. Niyabo? "Ungasho kanjani

izinto ezinhle, kuyilapho enhliziyweni yakho ufanele ukhulume na?" Ngakho-ke, asifanele neze sikhulume lutho ngaphandle kwalokho esikukholwayo nesikuqondayo, futhi makube msulwa, nokucwebileyo, no—nokungcwele. Futhi izingxoxo zethu mazihlanzeke futhi zibe msulwa, imicabango yethu, kucabanga okuhle ukwedlula konke, kucabanga imicabango kaNkulunkulu, kuhlala phezu kohlelo lukaNkulunkulu, futhi kuqhele ezintweni zezwe.

60 Kubi kakhulu ukuthi izinto zezwe zilibambe kakhulu ibandla kulezizinsuku. Futhi uSathane wayenendlela enobuluhlaza yokukwenza, ukungenisa amathelevishini emakhaya ngqo, nezinto, nokonakalisa izingqondo zabantu, futhi kuze kube namuhla lokho—lokho iphesente elikhulu lebandla, elizibiza ngamaKristu, ngizohlala ekhaya ngingayi emhlanganweni womkhuleko, ngoLwesithathu ebusuku, ukuze ngibone uhlelo oluyintandokazi lomuntu othile waseHollywood, noma ndawondawo, olungafanele ngisho ukufakwa esikrinini, mhlawumbe ehlala nabayeni abathathu noma abane, noma amakhosikazi, futhi eqhubeka, futhi ephila zonke izinhlobo zezimpilo, ephumela emicimbini yokudakwa, nokubhema, nokuqamba amanga, nayo yonke into engenziwa engalungile.

61 Futhi amabandla ethu ezilungisa qobo lwawo. . . ngisho nokugqoka kwethu kulolusuku kulandela iHollywood. Okudabukisayo kanje okufanele kube yikho, ukuthi izingqondo zethu zicabange . . . awukwazi ukuhlala umsulwa futhi ungcwele noKristu. Kwenze okuthize ebandleni, kulikhubazile, futhi kwenze into embi kakhulu, onke amaphepha ethu, nakho konke, kubonakala nje konakele. Kodwa lalelani, bangane, yilelihora lokonakala nalesosikhathi sokonakala uNkulunkulu Azidonsela ngaso uMlobokazi ophuma kulokho konakala. Yilokho Akubhekile, ukuthola iBandla elibizwa ngeGama laKhe, Umuntu othize ofuna ukuPhila okungenasiphelo.

62 Kuthiwani uma bekunika, kulobubusuku, isikhathi ukuthi ungaphila iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi, futhi konke kube. . . inkosi phezu komhlaba wonke. Uthi, "Ungakushintsha lokho ngolwazi lwakho lokuzibonela, Mnu. Branham na?" Qhabo, mnumzane! Uma ngiphila iminyaka eyizigidi eziyishumi, futhi ngingalokothi ngikhule usuku kuneminyaka engamashumi amabili ubudala, futhi umhlaba wonke ube ngowami nazo zonke izinto ezikuwo, futhi kuqinisekisiwe ukuthi angisoze ngagula eminyakeni eyizigidi eziyishumi, Bengiyolokhu ngikubeke emathangeni abo. NginoKuthile okukhulu kunalokho, nginokuPhila okuPhakade. Ya. Lapho leyominyaka eyizigidi eziyishumi isidlulile ekuPhileni kwami okuPhakade, ngani, akusoze kwafana ngisho. . . Ayizange ibe nasiqalo, ngakho ngeke Iphele. Ngiba yindodana, futhi wena uba yindodana nendodakazi kaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu akazange aqale, ngakho Akapheli neze. Ngakho

iZwi likaNkulunkulu lifanele libonakaliswe ebuntwini bethu uqobo.

63 Manje, manje, sithola ukuthi ngenkathi uJesu efika emhlabeni. . .Manje, ukuze kubonakaliswe iZwi likaNkulunkulu, Wayefanele abe u—u—umprofethi, ngoba, njalo, iZwi leNkosi lafika kubaprofethi. Manje, siyakwazi lokho. Manje, uDuteronomi isahluko se 18, futhi kwasho lokho, uMose wathi, umholi omkhulu aba. . .UNkulunkulu wayemkhethile, futhi wathunyelwa phansi nokuKhanya phezu kwakhe, iNsika yoMlilo, futhi yayiholele abantwana ezweni lesethembiso, ngokwalokho Akutshela u-Abrahama eminyakeni eminingi ngaphambili, futhi wabaholela ngaleya, washo, ngesikhathi sakhe sokuhamba, "Manje, iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa phakathi kwabafowenu, umprofethi onjengami." Futhi waqhubeka futhi watshela abantu ababengeke bamkholwe ukuthi loMprofethi wayeyonqunywa ebandleni, futhi baMphika, futhi abaMkholwanga, futhi bayanqunywa ebandleni. Kunjalo impela. Qaphela. Ngakho Ufanele abe ngumprofethi.

64 Futhi uma ufunda kuJohane oNgcwele 5:19, uJesu washo qobo lwaKhe, emva kokudlula echibini laseBethesda, futhi lapho Wafumana lendoda ilele lapho, futhi baMbuza ngokubaphulukisa bonke abanye, kumbe noma yini ababeyenzile, Wathi, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kepha lokho E*bona* uYise ekwenza, yenzenjalo neNdodana." Manje, uyakholwa ukuthi lowo ngumBhalo ophefumulelwe kaNkulunkulu na? Khona-ke uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso, noma enze noma yini, kwaze kwaba yilapho kuqala ngombono Wabona uBaba ekwenza. Ngeke aMenze aqambe amanga, futhi amyeke ahlale enguNkulunkulu. Niyabo?

65 Ngakho ufanele ukholwe iZwi, ngendlela nje Elilotshwe ngayo. Akukho kuphikisana kuLo. Ngicele eminyakeni ukuthi umuntu oyedwa angibonise ukuphikisana, akukho lapho, nakuba yonke iNcwadi yamashumi ayisithupha nesithupha, yalotshwa amakhulu ngamakhulu eminyaka ngokwehlukana ngabaprofethi abehlukene kanjalonjalo, kodwa lonke iZwi lihlangana ndawonye futhi lihlangane okwesisila sejuba *kanjalo* nje. Kunjalo. AziZiphikisi, aLiziphikisi. Ngakho siyabona ukuthi iZwi liyiqiniso. Yileyondlela ongaba nokukholwa ngayo, hhayi ebandleni, enhlanganweni, kodwa eZwini, Leyo yiNto engeke idlule.

66 Futhi uma uNkulunkulu eke abizwe enkundleni ukuba enze isinqumo, futhi isinqumo Asenzayo kuqala Ufanele ahlale njalo naleso sinqumo esifanayo. Manje buka, wena nami singenza isinqumo, futhi mhlawumbe emva kwesikhashana sithola ukuthi sasinephutha, ngakho senza esinye isinqumo, ngesingcono. Kamuva sithola ukuthi besinephutha lapho, senza esinye

isinqumo, ngoba sinesiphelo, izidalwa ezingabantu zomhlaba, izidalwa zesikhathi. Kodwa uNkulunkulu akanasiphelo, ngakho Angeke enze isinqumo esingcono, ngoba sonke isinqumo siphelele. Uma kunjalo . . . Futhi uma Yena . . . Uma kungenjalo . . . Uma Abizelwa enkundleni ukuba asindise umuntu, futhi phezu kwesisekelo Wasindisa lowomuntu, Ufanele ahlale inguna phakade kulesosisekelo esifanayo Asindisa ngaso umuntu wokuqala. Uma Engakwenzi, khona-ke Wenza iphutha ngenkathi Enza okokuqala, futhi-ke uzodingeka uthi uNkulunkulu wenze iphutha.

67 Manje, ungathi, "Nginephutha, bengingafanele ngikwenze lokho. Ngizokwenza ngendlela yakho, ngenze ngalena enye indlela." Manje, bekungeke yini kube uNkulunkulu lowo na? UNkulunkulu akanasiphelo. Sasiyini isisekelo uNkulunkulu asindisa umuntu ngaso okokuqala na? Ngaphansi kwegazi elichithiweyo, futhi Akakaze akuguqule, futhi Akasoze akuguqula. Yebo, mnumzane. Yigazi elisindisayo.

68 Ensimini yase-Edene, kwabulawa isilo esingenacala, kwachithwa igazi ukusindisa i . . . U-Adamu no-Eva kusukela ekuhlushweni ngaleya, esihogweni. Igazi elingenacala! Futhi namuhla, nakuba sizamile ukufundisa abantu kukho, sizamile ukuqokela abantu kukho, sizame ukwenza yonke into, futhi sithola ukuthi sihlukanisa abantu. Kodwa ngaphansi kweNto eyodwa, iGazi elichithiwe, sonke singaba abafowethu nodadewethu kuKristu. KuseyiGazi elichithiweyo Longenacala elisindisayo.

69 Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kwakusekelwe phezu . . . Isikhathi sokuqala uNkulunkulu ake abizelwa ngaso enkundleni ukuphulukisa umuntu, into yokuqala, siyaqonda, kwakuwukudla kwakhe, futhi ngenkathi Ekwenza Wakusekela phezu kwesisekelo sokuthi, "Uma uzokholwa . . . " futhi Akakaze akuguqule kusukela lapho. Kuwukukholwa esithembisweni sikaNkulunkulu, futhi ngakho-ke, kufanele kuhlale kufana. Kungukuthi . . .

70 Niyaqaphela, emhlatshelweni ka-Abrahama, Wehlukanisa, ngenkathi Enza isiqiniseko, esahlukweni se 16 sikaGenesise, ngenkathi Ethatha lezo, imbuzikazi nesithole futhi wazihlukanisa, ngoba isimiselo sesikhathi savela ewundlwini lemvelo liya ewundlwini likaNkulunkulu. Kodwa naqaphela yini, ijuba nehobhe Akazange akwehlukanise na? Futhi njalo kwakumela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngoba lapho onochoko noma okuthize kwahlanzwa, babulala inyoni eyodwa, kwase kuthelwa igazi phezu kwelinye, nasemaphikweni alo, laphuma likhala, "Ingcwele, ingcwele eNkosini," lifafaza umhlaba kube ukubuyisana. Nezinyoni azihlukaniswanga, ngokuba kwakufakwe ekubuyisaneni. Futhi uma ukubuyisana okudala kwakunokuphilisa ngokukaNkulunkulu kukho,

kukhulu kangakanani lokhu kuBuyisana, oKusha na? Niyabo? Ngakho-ke akukho mbuzo ngakho kuNkulunkulu.

71 Manje, nangu Wayelapha, Ufika ukuzogcwalisa iZwi likaNkulunkulu. Ukuze agcwalise iZwi likaNkulunkulu, Wayefanele abe Ukubonakaliswa kweZwi likaNkulunkulu. Manje, bhekisisani esikutholayo. Sibuyela emuva, singathatha isikhathi esiyinqwaba, kodwa ngeke, sizokonga isikhathi, uma kungenzeka sikwazi. Qaphela. Sithola inkonzo yaKhe iqala lapha, kuJohane oNgcwele, futhi siyathola . . . Siyakwazi ukuzalwa kwaKhe, nokuthi Wavela kanjani ehlane, futhi wabhaphathizwa nguJohane, futhi khona-ke wangena ehlane, futhi walingwa ngudeveli, izinsuku ezingamashumi amane, kwase kuvela ehlane, futhi masinyane izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso zaqala ukungena.

72 Manje, uJohane wafakaza, wabona isibonakaliso sikaMesiya. Manje, uJohane akayanga esikoleni ukuyofunda lokhu, nakuba uyise wayengumpristi. Uyise washona eseneminyaka cishe eyisishiyagalolunye ubudala. Esikhundleni sokwehlela emgqeni ojwayelekile kayise ukuba abe ngumpristi, kanjalonjalo, nazo zonke izikole, umsebenzi wakhe wawubaluleke kakhulu, ufanele abe umanduleli kaMesiya; wayezoba nguyena owayezoMethula. Waprofethwa, ngo-Isaya umprofethi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, "Kuyoba khona iphimbo loyedwa ehlane, ekhala." Kanti futhi eminyakeni engamakhulu amane ngaphambi kokuzalwa kwakhe, UMika, umprofethi wokugcina, wathi, "Bheka, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi, ukumemezela indlela." Ngakho akumele athathe noma yimuphi umqondo wesikole ngakho, ufanele ahambe angene ehlane. Futhi lapho ebuya ephuma, wahlala lapho waze waqiniseka ukuthi wasazi isibonakaliso, futhi nakhu akushoyo: "Lowo owangitshela, ehlane, ukuthi ngihambe ngibhaphathize ngamanzi, wathi, 'Ozakubona uMoya ehla ahlale phezu kwakhe, Nguye oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.'" Kwakufanele aqiniseke.

73 Futhi bangane, uma uKristu wayeza, noJohane wayefanele aqiniseke ngalokho ayekwenza, lokhu makucwile ekujuleni kwenhliziyo yenu, sifanele sibe nokuqiniseka nga*lokhu*. Kukhona zonke izinhlobo zezinto ezenzekayo, kodwa sifanele siqiniseke. Awudingi ukubuya futhi uphinde ukuzame, ukwenza manje noma ungalokothi, lesi yisikhathi sakho.

74 Manje, uJesu ngokushesha . . . Kwakukhona indoda igama lingu-Andreya, indoda enkulu, indoda ekahle, umdobi; yena nomfowabo, uSimoni, badoba ndawonye. Ngakho bezwa ngenkonzo kaJohane, futhi ngakho, bengabakholwayo, babeyifundisisile imiBhalo, kahle kakhulu ndawonye, futhi bazi ukuthi kwakuzofika uMesiya.

75 Ubaba wabo, uJona, wayengu—ngumFarisi, umfundisi. Futhi mina . . . Njengoba sitshelwa, ngolunye usuku wahlala eceleni komkhumbi wakhe omncane futhi wathi ku-Andreya noPetru: "Bafana bami, ngangihlale ngicabanga ukuthi ngizophila ukuze ngibone uMesiya." Kodwa lapho izinwele zakhe ezimpunga zipheshulwa imimoya, nesikhumba sakhe esishwabene, wathi, "Ngiyobuthana nabantu bakithi, ngakho ngiyacabanga ukuthi ngeke ngiMbone, kodwa mhlawumbe nizoMbona ngosuku lwenu. Manje, madodana, lapho uMesiya efika, ngaphambi nje kokuFika kwaKhe kuyoba khona yonke into eyenzekayo, zonke izinhlobo zo 'Mesiya.' Kodwa ningakhohliswa, madodana ami, khumbulani, iBhayibheli liyasifundisa, uMose, umprofethi wethu—wethu, usifundisa ukuthi lapho uMesiya efika, Uyoba ngumprofethi, hhayi umfundisi, hhayi isifundiswa, umprofethi, iNkosi-mProfethi, lapho zonke lezoziphiwo ezinkulu ezazikulabobaprofethi ziyobuthana zonke e—ebuNkulunkulwini bunye. Niyabo? Uzoba iNkosi-mProfethi. Futhi nifanele nikhumbule, ukuthi uMose wasitshela ukuthi singakhohliswa, kodwa iNkosi uNkulunkulu uyovusa loMesiya, futhi Uyoba ngumprofethi."

76 Ngakho ngenkathi uJohane efika, bambuza, wathi, "Wena uyi*lowo* Mprofethi na?"

77 Wathi, "Angisuye. Kodwa Uza emva kwami, angifanele ukuthwala intambo ezicathulweni zaKhe. Uyeza emva kwami, angisiye *lowo* Mprofethi, kodwa Uzoza emva kwami. Futhi ngithi kini Uphakathi kwenu manje, futhi anazi." Futhi Wayekhona. Wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu njengamanje Eningamazi, NguYe." Wayeqinisekile kakhulu ukuthi Wayephila ngalolosuku ngaphambili nje . . . Wayazi ukuthi umsebenzi wakhe kwakuwukumemezela uMesiya. Futhi ngenkathi ememezela ukuFika kukaMesiya, wayazi ukuthi kwakufanele kube kulowonyaka, khona lapho. Ngakho wathi, "Uphakathi kwenu, Usemhlabeni namuhla. Umi phakathi kwenu."

78 He, manje lokho okwakuyikh . . . Ngabe lokho bekungeke kunikeze isichupho kuwo wonke amahlelo angalolosuku na? "Awu, lapha sinoDkt. *S'bani-bani*, uRabi *S'bani-bani*. Bukani ukuthi ungumuntu osemusha obukeka emuhle kanjani. Bukani ukuthi uzikama kanjani izinwele zakhe, ukuthi ukhuluma kahle kanjani. Ngani, yena—ngani, wathweswa iziqu . . . Wathola iZiqu zoBuciko lapho eneminyaka eyishumi nanhlanu ubudala kuphela. Awu, niyazi ukuthi lowo nguMesiya." Niyabo?

79 Kodwa uJohane wayenikina ikhanda lakhe. Wathi, "Owangitshela, ehlane, ukuba ngiyobhaphathiza ngamanzi wathi, 'Engibona uMoya uphezu kwakhe, wehla, lokhu kuKhanya kwehla kuvela eZulwini, futhi eza phezu kwaKhe, Lowo nguYe. Ngilindele ukuMthola." Ngelinye ilanga waphuma lapho, futhi Wayelapho-ke, waMbona. INdoda engenamfundo,

ayikaze iye esikoleni usuku empilweni yaYo, asinalo irekhodi laYo ukuthi yake yaya esikoleni, akakaze alobe iNcwadi. Lutho. Asazi neze nje . . . Wavele wenyuka, wahamba ngendlela efanayo, kodwa Wayengu-Emanuweli.

80 Lapha u-Andreya wayekade elandela lemihlangano, lalela uJohane, futhi wayemi lapho ngalolosuku futhi wezwa uJohane ethi, "Bheka iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe." UJohane emi lapho emangele, ebuka Into ethize, naNsi yayehla, iPhimbo lithi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, eNgithokozile ukuhlala kuYo." Akekho omunye owaLizwa, akekho omunye owaLibona, kodwa uJohane wafakaza ukuthi waLibona. Ngani na? Kwathenjiswa yena. Umhlaba wonke ubungeke uhlale lapha, kulobubusuku. Uthenjiswe okuthile, futhi uyakufuna. Yingalesosizathu Ezembula Yena uqobo ngendlela efanayo.

81 Ngakho babebukela. Futhi uJohane wafakaza. U-Andreya uya ekhaya, futhi wathi kuSimoni ngalobo busuku, "Simfumene uMesiya!"

82 Awu, sengiyambona uSimoni ethi, "Manje, ake ulinde umzuzu nje, Andreya, sifundiswe kangcono kunalokho. Manje, ihlane elithize, *okuthiwa* ngumProfethi phandle lapho . . . O, noma yini oyishoyo."

83 Futhi ngolunye usuku, uSimoni wahamba naye wangena eBukhoneni beNkosi uJesu. Manje, uSimoni wayengafundile. Siyazi ukuthi iBhayibheli lathi wayeyikho kokubili eyimifunda engafundile; wayengakwazi ngisho nokusayina igama lakhe. Lolo uhlobo lomuntu uNkulunkulu alukhetha. Futhi uma imfundo iyingxenye enkulu kangako, kungani engazange Yena . . . kungani Akhetha umuntu onjalo ukuthi amnikeze izihluthulelo zoMbuso na? Niyabo, siyasuka emzileni. Manje, angisekeli ukungafundi, ngisho amaqiniso kuphela. UNkulunkulu ufuna inhliziyo ethobekile. Ngingaqoka ukuthi abantwana bami bazi uJesu Kristu njengoMsindisi wabo, futhi bengazi ngisho nokuthi ulisayina kanjani igama labo, kunokuba babe . . . kunokuba umfundisi ongcono kunabo bonke emhlabeni wonke. Kunjalo. Qaphelani. Ngokuba lokho ngukuPhila okuPhakade, ukuMazi.

84 NaNgu wayelapha. USimoni wenyukela eBukhoneni baKhe. Wathi, "Ake uze nje uzoMlalela kanye. Uzoqala ukushumayela manje ezinsukwini ezimbalwa, ngoba Uphuma ehlane. Futhi abantu useqalile ukuza, Useqalile ukukhulekela abagulayo, futhi bayasinda. Futhi Lowo ngeke kube nguMesiya na?"

"Manje, buka lapha, Andreya, uMesiya, ngokweZwi, uzoba ngumprofethi."

"Awu, ngikholwa ukuthi uJohane wayengumprofethi."

"Yisiphi isibonakaliso asibonisa ukuthi wayengumprofethi na?" Wakhuluma nje. Niyabo? Kulungile.

85 "Kodwa woza kuloMuntu." Manje, nakhu kuza uSimoni Pete-. . . USimoni ekhuphukela eBukhoneni baKhe. Kwathi uJesu engambona, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona." Lokho kwakwenza. Wayazi ngaso lesosikhathi ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Ngani? Akamazanga kuphela, kodwa Wayemazi lowobaba wakhe omdala omesabayo uNkulunkulu, owayemgcine eZwini. Niyabona ukuthi konke kuhlangana okwesisila sejuba kanjani na? USimoni Petru ngokushesha waqondana ukuthi Lowo kwakunguMesiya, futhi wanikwa izihluthulelo zoMbuso.

86 Kwakukhona owayemi lapho, igama lakhe nguFiliphu; Wayekade naye engumfundi weBhayibheli, futhi yena nendoda okuthiwa u-Andreya babekade benenhlanganyelo enkulu, njengani bantu, niya endlini . . . Uma ukholwa . . . Bangaki kini abafundisisayo omunye komunye, nifundisisa iZwi na? Futhi ningene endlini, futhi nihlole imiBhalo. Futhi babekhathazekile ngesikhathi ababephila kuso, ngakho bahlolisisa imiBhalo ngempela. Futhi ngenkathi bekwenzile, bathola ukuthi Wayezoba yini. Futhi ngenkathi uFiliphu ekubona lokho, lokho kwakwenele kuye. Wahamba wazungeza intaba, okungamamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba. Uma uke ube sePalestine ungamaka izindawo. Futhi wazungeza ngelinye ilanga wabuya ngokulandelayo.

87 Manje, ngenkathi ethola uNathanayeli, wayesensimini yezithelo phandle lapho, ensimini yakhe yemikhiwane, futhi wayephandle lapho ekhuleka. Futhi, ngakho nakhu kufika uFiliphu ukumthola, wamthola eguqe ngamadolo ekhuleka, ekhuleka kuNkulunkulu, eseqedile ukukhuleka, wasukuma. Futhi wathi, "Nathanayeli, woza ubone ukuthi nguBani esimtholile. Simtholile uMesiya uMose akhuluma ngaye, uMprofethi uMose athi iNkosi uNkulunkulu wethu iyomvusa. SiMtholile!"

Sengiyambona uNathanayeli ethi, "Filiphu, usho ukuthini na? Ubani na?"

"NguJesu waseNazaretha, iNdodana kaJosefa."

88 Manje, lokho kwakukukhulu kakhulu kulowomfo. Wathi, "Kungaba khona yini into enhle evela eNazaretha, lesosigejane sabaginqiki abangcwele, noma," uxolo, "abantu ezansi lapho na? Kukhona okuhle obekungavela kubo na? Ngani, siyazi uma Kuvela noma yikuphi beKungavela ehlelweni lethu. Ingabe kukhona okuhle obekungavela lapho na?"

89 Manje, uFiliphu wamnika impendulo engcono ezedlula zonke noma ubani ayengamnikeza yona, wathi, "Woza, ubone." Ungahlali ekhaya futhi ugxeke, woza, uthathe imiBhalo, futhi uthole ukuthi kulungile noma qha.

90 Emgwaqeni ngakhona ngiyayizwa inkulumo yabo. Sengiyamuzwa uFiliphu ethi, lapha, ku—kuNathanayeli, uthi,

"Nathanayeli, uyakhumbula ngaleyonkathi uthenga inhlanzi, ezansi lapho emfuleni, kulowo mdobi omdala, ogama lakhe linguSimoni, owayengakwazi ukukusayinela lelorisidi na?"

"Yebo, ngiyamkhumbula."

"Kulungile. Manje . . ."

"O, ngangimazi uyise, ngathenga inhlanzi kuJona, uyise. Wayenendodana egama lingu-Andreya."

91 "Yebo, bobabili bangamakholwa. Futhi kwathi nje uSimoni angafika eBukhoneni baloMesiya, Wambuka ebusweni, futhi wambiza ngoSimoni, futhi wamtshela igama likayise. Manje, siyazi ukuthi umBhalo uthi iNkosi izovusa umProfethi. Futhi singamaJuda, futhi saziwa ukuthi siyabakholwa abaprofethi bethu. Futhi iBhayibheli lethu liyasitshela ngapha futhi ukuthi uma ekhona ongowomoya noma umprofethi phakathi kwenu, Mina, iNkosi, ngizokhuluma kulo mprofethi, uma akushoyo kufezeka, khona-ke muzweni, futhi uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa. Futhi nangu uMuntu lokho Akushoyo kulapho ncamashi ukufakazisa ukuthi kuyikho. Bekungeke kungimangaze uma Engakubizanga, ngenkathi ufika phambi kwaKhe."

92 Kulungile. Ngenkathi bekhuphukela eBukhoneni baKhe, uJesu mhlawumbe wayeqhuba umugqa womkhuleko, kumbe noma ngabe kwakuyini, angahle ukuthi wayekade emi ngaphandle ezethamelini, kodwa noma ngabe kwakukuphi, lapho uJesu ebamba amehlo akhe, Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye!" Kwambohlisa lokho.

Wathi, "Rabi, Ungaze kanjani na?" Manje, bonke babegqoke ngokufanayo nje, babenentshebe nemishuqulo nezingubo ezinde. "Rabi, Ungaze nini na?"

Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona." O, amehlo anje! "Ngakubona ngaphansi komkhiwane."

93 Niyazi ukuthini, lokho kwafundisa indoda yomBhalo, leyoNzalo eyamiselwa ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka phezu kwakhe, wathi, "Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli." Akusiyo ingubo yaKhe eyakwenza, akusiwo usayizi waKhe owakwenza, isitayela sezinwele zaKhe, indlela Ahlukanisa ngayo intshebe yaKhe, kodwa uMoya owawukuYe wakhombisa ukuthi KwakunguNkulunkulu, IZwi, lenziwe inyama, ngoba Lalikwazi ukwahlulela imicabango osenhliziyweni. Lowo kwakunguJesu izolo. Futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uyofana. Yileyondlela Abeyoba yiyo namuhla. Ngabe kunjalo na? Uma lowo kwakunguJesu, bekuyoba nguKristu ofanayo.

94 Niyabo, njengoba ngishilo ngobusuku obuthi abube bubili obedlule, uma ubungakhipha yonke impilo esihlahleni samapentshisi, futhi udlulisele impilo yesihlahla samapheya esihlahleni samapentshisi, besiyothela amapentshisi. Impela. Uhlobo lwempilo esikuyo, yilokho esikuthelayo. "Nibazi ngesithelo sabo." UJesu wathi kuJohane oNgcwele 14:12, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza . . . " [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

" . . . Ndodana yomuntu, iziNgelosi zehla zenyuka," kanjalonjalo.

95 Use—usendaweni. Uzibeke endaweni, ngokuMqonda, ukuthi wena uyi—uyisikhonzi manje sokubona izinto ezinkulu. O, uma nje besingazithola kuleyondawo ukuMbona, khona-ke sizobona ukuphulukiswa kwenzeka emzimbeni wethu, khona-ke sizobona injabulo ingena, futhi sizobona izinto ezinkulu zenzeka.

96 Manje, mhlasimpe mhlawumbe umpristi wakhe wayemi laphaya. O, kwakukhona labo ababemi lapho ababengakukholwa, abafundisi bangalezozinsuku, bemi lapho bebeke izandla emva kwakhe. Babazi ukuthi babefanele baphendule ibandla labo. Kwase kwenziwe kakade. Uyazi ukuthi bathini na? Bathi, "Lomfo unguBelzabule, udeveli, umbhuli."

97 Futhi uJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngokuNgibiza ngo . . . lokho, kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, futhi ukukhuluma izwi elilodwa ngokumelene naWo, akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Sinjalo isono- . . . kukanjani kulolusuku lokugcina. Sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokufundisa. Wayelapho-ke. Singaqhubeka kanjani nalaba balingisi, kodwa ngenxa yesikhathi, mhlawumbe sizokucosha kusasa ebusuku futhi.

98 Qaphelani. Yileyo indlela. Manje, khumbulani, kwakukhona labo lapho ababengamadoda angcwele, babengamadoda alungile, babengabafundisi. Kodwa uJesu wathi, "Nizungeza izilwandle ukwenza umuntu oyedwa iproselite, futhi lapho umletha esibayeni sakho, ungumntwana wesihogo ngokuphindwe kabili kunalokhu ayeqale ngakho," Wathi, "ngoba niyenza ize imiyalo kaNkulunkulu ngamasiko enu."

99 Futhi yilokho okuyinkathazo yakho namuhla, sithathe isiko labo salenezela ebandleni, esikhundleni sokuthatha lokho uNkulunkulu akushoyo. Niyabo? Manje, niyazi ukuthi uJesu Kristu akezanga ngendlela engafanele, Weza ngayo impela, indlela iBhayibheli elathi Uyofika ngayo. Kodwa amasiko abo ayekugxilise kobunye ubukhazikhazi bukaKristu, futhi Wafika empofu futhi ethobekile, khona impela nje iBhayibheli elathi Uyokwenza. Futhi Wenza into efanayo ncamashi, futhi wakhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya

ngayo impela nje indlela iBhayibheli elakusho ngayo. Kodwa abazange bafundiswe ukukukholwa ngaleyondlela. Nkulunkulu, ungasivumeli ukuthi sikweqe ngalesisikhathi. Masibe nezinhliziyo ezivulekile nengqondo evulekile yokulalela.

100 Yenza iZwi . . . WayenguLizwi, futhi uLizwi wayenguNkulunkulu, futhi uLizwi waba yinyama. Futhi uLizwi ofanayo wethembisa, "Kuseyisikhashana, izwe lingabe lisaNgibona; nokho niyakuNgibona, ngokuba Ngi," futhi u *Ngi* isabizwana somuntu, "Ngizoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kokupheleliswa." Kulungile. "Futhi imisebenzi eNgiyenzayo, niyokwenza into efanayo. Ningacabangi ukuthi niyakuthini, ngoba Akunina okhulumayo, NguBaba, uMoya oNgcwele ohlala kini, Nguyena okhulumayo. Angenzi lutho uBaba aze aNgibonise." Wabona umbono.

101 Manje, into efanayo iyasebenza emuva namuhla. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho Wakuthululela kuKristu, konke lokho uKristu ayeyikho Wakuthululela eBandleni. NguNkulunkulu ofanayo ngaso sonke isikhathi. UNkulunkulu ngaphezu kwethu, Ubengenakusondela kithi ngoba sinesono. Igazi lamawundlu lalingenakususa isono, kodwa-ke, uNkulunkulu wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu. Siyakukholwa lokho. UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo. Noma yimuphi umKristu uyakukholwa lokho.

102 Namuhla lapho bezama ukuMenza isazi sokudabuka kwezinto zonke ezikhona noma uthisha nje, kuyangibilisa nje. WayengonobuNkulunkulu, Wayengaphezu kukathisha, noma—noma isazi sokudabuka kwezinto zonke ezikhona, Wayengu-Emanuweli. UNkulunkulu waZidalela umzimba, iNdodana yaKhe, futhi wehla futhi wahlala kulowomzimba, uNkulunkulu ekuKristu. "AkuMina owenza imisebenzi, nguBaba waMi. UyaNgikhombisa ukuthi ngenzeni, futhi ngivele ngenze eBukhoneni baKhe, endaweni yaKhe." UJohane oNgcwele . . . O, he! Kulula nje, niyabo, ukubona ukuthi Ukhuluma ngani.

103 Bheka. Ngenkathi Elapha emhlabeni, Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, Ngiya kuNkulunkulu." Ngabe kunjalo na? Manje, noma yimuphi umfundisi uyazi ukuthi leyoNsika yoMlilo eyalandela abantwana ehlane, noma, ehla- . . . , noma, abantwana bakwa-Israyeli balandela leyoNsika yoMlilo, ukuthi Lowo kwakunguKristu. Nonke niyakukholwa lokho, akunjalo na? WayeyiNgelosi yesivumelwano.

104 UMose washiya iGibhithe, "Ethi ukuthukwa kukaKristu kuyingcebo enkulu kunengcebo yaseGibithe." KwakunguKristu. Khona-ke, lapha kwakuyileyoNgelosi, yayiphakathi . . . Awu, Washo into efanayo. Wabatshela, Wathi ngisho . . . Ube kade . . . "Ngaphambi kokuba u-Abrahama abe khona, NGIKHONA." NGINGUYE owayenoMose, ehlane, kulesosihlahla soMlilo,

"Ngaphambi," uJohane oNgcwele 6, "Engakabikhona u-Abrahama, NGIKHONA." Futhi leso kwakuyisikhumbuzo sezizukulwane zonke. Hhayi, "Ngizoba, ngaNgikhona," "NGIKHONA," inkathi yamanje, onguye izolo, namuhla, naphakade. Ukufa kwakhe, ukumbelwa, ukuvuka . . .

105 Futhi omunye, ogama lakhe linguSawulu, wayesendleleni yakhe ehlela eDamaseku ukuyobopha abantu ngokuba ngalendlela. Futhi cishe emini washaywa walahlwa phansi ngukuKhanya, ukuKhanya okufanayo. Angeke kushintshe. Wayefanele ahlale enjalo. "Ngivela kuNkulunkulu," enziwe inyama, "Ngiya kuNkulunkulu." Amen.

Wazi kanjani ukuthi kwakunguNkulunkulu ofanayo na? Wathi, "Nkosi."

Wathi, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu."

106 KwakunguYe owafika ngalobobusuku, lokho kuKhanya, futhi wakhumula amaketango kuPetru, futhi wavula isango, futhi wamkhipha, iNgelosi yeNkosi. "Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngiya kuNkulunkulu," eMenza uJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Unathi kulobubusuku, uNkulunkulu ofanayo.

107 Qaphelani, ku-Abrahama, Wabakhombisa izibonakaliso njalo ku-Abrahama, kodwa beza esibonakalisweni sokuvala okuyinhloko ekugcineni.

108 Manje. Manje, khumbulani, sihlezi lapha kulobubusuku. Ngibona abanye, abangani bami abangamaNdiya abavela phezulu lapha, ezansi. BangamaNdiya, nanka amaJalimane, amaSweden, ama-Irish, zonke izinhlobo ezahlukene zabantu, noma lokho esikubiza ngokuthi ubuzwe. Kodwa kukhona kuphela . . . Sonke siphuma kumuntu oyedwa, u-Adamu. Futhi kukhona izinhlanga ezintathu kuphela emhlabeni wonke, futhi lokho nguHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. Ngokuba kubo abathathu . . . Ngemva kokubhujiswa kwangaphambi kwezikhukhula kwakungekho muntu emhlabeni.

109 Futhi qaphelani, uPetru nezihluthulelo. WaLivula kumaJuda ngePentekoste, kumaSamariya, wase-ke enyukela kuKorneliyu. Futhi kusukela lapho kuqhubeke, kwaba kuwo wonke umuntu. Niyabo? Lokho ngamaJuda, amaSamariya, nabeZizwe. Manje, qaphelani, amaJuda namaSamariya . . . UmSamariya wayengumJuda ingxenye noweZizwe. Ngakho babekholelwa kuNkulunkulu, kodwa babebheke uMesiya. Futhi uma bebheke uMesiya, khona-ke Ubophezelekile ukuza kubo. Amen. Ngizizwa ngikholwa impela khona manje. Yazini ukuthi Uyasigcina isethembiso saKhe.

110 Manje, Weza kumJuda, iJuda elikhethiweyo, futhi Wenza isibonakaliso saKhe saziwe phambi kwabo bonke. Abanye babo bathi, "Hhe, Belzebule. Ungumbhuli," ebiza imisebenzi kaNkulunkulu ngomoya ongcolile, owawungahlukanisa umcabango. Bengazi ukuthi iZwi lingumaHluleli wemicabango, uMprofethi, Lowo . . . IZwi leNkosi lafika kumprofethi, limenza iZwi engxenyeni. Njengoba sinjalo kulobubusuku, izingxenye zeZwi. WayeneZwi eligcwele; ukuGcwala kukaNkulunkulu kwakukuYe. WayenaLo ngaphandle kwesilinganiso; sinaLo ngesilinganiso, kodwa LinguMoya ofanayo.

111 Qaphelani. Futhi nangu Emile, enza isibonakaliso sikaMesiya impela, futhi oyedwa nje manje futhi khona-ke, kwamaJuda, ayezoMkholwa. Manje, kwakukhona labo lapho ababengeke baMkholwe, futhi wawungeke usho ukuthi babengewona amadoda alungile. Qhabo, mnumzane. Babengamadoda alungile, babefanele baphile kahle. Ubungeke usho ukuthi babengathembekile futhi beqotho; futhi babengeke bakhohlise, noma bantshontshe. Qhabo, mnumzane. Kodwa lezozinto azikusindisi, asisindiswa ngemisebenzi emihle. Ukuba imisebenzi emihle yayingakwenza, uKristu wayengeke adingeke afe. Uyabona, kungukuzalwa. Ufanele uzalwe ngokusha, ufanele ube njalo nje. Ayikho nhlobo indlela yokuphuma kukho, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, akasoze awubona uMbuso."

112 Manje buka, isono akusikho ukuqamba amanga, ukweba, ukuphuza, ukuphinga, lokho akusona isono, lokho yizingxenye ezingahlukaniseki zokungakholwa. Isono kuphela esikhona, ukungakholwa. Ukulunga kuphela okukhona, ukukholwa. Ukukholwa nokungakholwa, leyo imithombo emibili kuphela okuvela kuyo. Je- . . . iBhayibheli lathi, "Ongakholwayo uselahliwe vele."

113 Ngakho ngakho-ke, kuphi . . . yenkolo kangakanani . . . Buda: inkolo, labo bakaMohamede uthembeke njengoba izinsuku zizinde. Niyabo? Impela. Bangabenkolo, abanomusa, abantu abalungile, kodwa abangakholwayo, ngakho lokho kubenza isoni. Futhi noma yimuphi umuntu ongalikholwa lonke iZwi laleliBhayibheli, umoya okuwe awulungile. UMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, Washo njalo. AmaHeberu isahluko 1 athi, "Amadoda asendulo, eshukunyiswa uMoya oNgcwele, aloba iBhayibheli." Kunjalo. Ngakho uMoya oNgcwele waloba iBhayibheli. Angaphenduka, futhi aLiphike, noma ajovele okuthize kuLo okwakungalungile na? UMoya oNgcwele wangempela empilweni yawo wonke umuntu uzogcizelela lonke ivesi kuleloBhayibheli ngo "Amen." UMoya oNgcwele wangempela, UyaLikholwa.

114 Manje, lamaSamariya ayebheke uMesiya. AmaJuda afika, Wazibonakalisa Yena uqobo njengoMesiya. Futhi ngenkathi Ekwenza lokho, baqonda ukuthi Lowo kwakunguMesiya. Abanye babengafuni, ngoba ibandla labo lalibakhiphile

kukho. Awu, uyazi ukuthi kwenzekani. Khona-ke kwakukhona amaSamariya athile. Ngolunye usuku, Wayephezulu lapha eJerusalema futhi wayehlela eJeriko, eyayisezansi ngqo nentaba, ezansi ngqo ngasemzileni oya eJeriko, kodwa Wayenesidingo sokudlula ngaseSamariya. Lokho bekungaba sengathi ngiya ekhaya lami e-Indiana ngokuhamba ngendlela yaseCalifornia, ngiphume le endleleni yakho. Ngihlala nga*kule*ndawo, eCalifornia, ngiyacabanga, inga*le*ndlela, niyabo, ezansi ogwini, futhi ngifanele ngiye empumalanga.

115 Kodwa Wenyuka wazungeza iSamariya, futhi Wama emzini othiwa iSikhari, Wayesethuma abafundi baKhe ukuba bayothola ukudla. Futhi lapho sebehambile bangena emzini waseSikhari, kwenzekani na? UJesu wayehlezi phezulu maqondana negquma, futhi kwaphuma owesifazane omncane ovela emzini. Lokho kutholakala kuJohane oNgcwele isahluko se 4. Kwaphuma owesifazane evela emzini, obizwa ngowesifazane waseSamariya. Manje, lalelisisani ngempela.

116 Lo wesifazane uyaphuma. Manje, wayengowesifazane onegama elibi. Manje, uma besizosho namuhla, besingathi, "inenekazi lesibani esibomvu," noma okuthize. Nakhu okwakuyinkathazo ngaye, wayenamadoda amaningi kakhulu. Wayekade enamadoda amahlanu, futhi wayehlala neyodwa ngaleyonkathi, ngakho kwakungeyona eyakhe.

Ngakho uyaphuma ukuyokha amanzi cishe ngehora leshumi nanye nqo, futhi wabheka laphaya futhi wabona umJuda owathi, "Sifazane, Ngiphuzise."

117 "Ngani," wathi, "sine," kakhulu, "sinokwehlukana lapha. Ngani, Awufanele ungicele lokho, ngingumSamariya, futhi Wena ungumJuda. Asidlelani omunye nomunye."

118 Wenzani manje na? Manje, ufanele uthathe izwi lami, Uxhumana nomoya wakhe. UBaba waMtshela ukuba akhuphukele lapho, kodwa manje nangu umuntu kuphela Ambonayo, ngakho uyeza, ngakho lowo kufanele kube nguye. Ngakho Uxhumana nomoya wakhe. Wathi . . .

Wathi, "Ngani, obaba bethu babephuza e . . . "

Wathi . . . Okokuqala, Wathi, "Ngi . . . Uma ubungacela Mina, beNgizokunika amanzi ungezi ukuzokha lapha," Washo.

"O, umthombo ujulile, Awunalutho ongakha ngalo."

Waqala ukukhuluma naye, niyabo, Wayebamba umoya wakhe.

Futhi wathi, "Ngani, nikhuleka eJerusalema; sikhuleka kulentaba," nokunye nokunye.

119 Wathi, "Ihora liyeza lapho abakhuleki beqiniso beyokhonza uBaba ngeqiniso nangomoya." Wabamba ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, Wathi, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ngoba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje akusiyo indoda yakho.”

Bukani lowo wesifazane omncane, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli balolusuku, esimweni sakhe. Wama, wamangala.

Babukeni. . .Bukani labobapristi emuva lapho, bathi, “Lendoda inguBelzabule, umbhuli.”

120 Kodwa lowo wesifazane oyisifebe omncane wama, wayesethi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Wena uyi*Lowo* Mprofethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uyositshela lezizinto. Kodwa Wema ungubani na?”

Wathi, “NginguYe okhuluma nawe.” UJesu izolo.

121 Bukani ukuthi wenzeni, washiya imbiza yamanzi, wagijima waya emzini, wayesethi kulabobantu, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini Lona yena kanye uMesiya na?” Ngamanye amazwi, “Ingabe lokhu akusona yini isibonakaliso uMesiya azosibonisa na?”

122 Bukani umehluko, ngenkathi lokho kuKhanya, lowoMoya, ushanela unqamula leyoMbewu encane eyamiselwa ngaphambili ilele lapho uku. . .igcotshelwe ukuPhila okuPhakade, labobafundisi bezenkolo, akuzange kubakhathaze nakancane. Babecabanga kakhulu ngendlela yabo yokwenza izinto, kangangokuthi lokhu kwakungakwazi. . .Kwakufanele kube indlela yabo, noma kungabi indlela nhlobo. Kodwa ngenkathi, ishaya leso sifebe esincane, sasigcotshelwe ukuPhila. Sathi, “Siyazi; siyafundiswa; siyakholwa.” Amen. “Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto. Ungubani Wena na?”

Wathi, “NginguYe.”

123 Lokho kwakwenele. Kwakuyilokho-ke. Lapha wabona isibonakaliso senziwa, wazi ukuthi kwakunguMesiya. Wagijima wangena emzini watshela amadoda, “Wozani, nibone loMuntu. Ingabe lokhu akusona yini isibonakaliso impela uMesiya okufanele asenze na?” Niyabo? Futhi iBhayibheli lathi abantu bakulowomuzi bakholwa kuYe ngenxa yobufakazi bowesifazane, Akabange esadingeka ukuba aphinde enze enye into. Owesifazane wafakaza ukuthi kuyiqiniso, “Ungitshele ukuthi benginamadoda amahlanu, futhi nina bantu niyazi ukuthi nginawo.” Yilokho kuphela. Futhi WayenguMesiya.

124 Manje, uma leyo kwakuyindlela abaMazi ngayo izolo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. . .Wena uthi, “Kuthiwani ngezolo na?” UPawulu wayeloba amaHeberu ngesikhathi seBhayibheli. Izolo, bekunguNkulunkulu obekubaprofethi. Niyakukholwa lokho na? Bukani uDavide, ekhuphukela entabeni, inkosi elahliweyo, ekhala izinyembezi, cishe eminyakeni engamakhulu amahlanu ngemva kwalokho,

iNdodana kaDavide yahlala entabeni efanayo, ikhala, iNkosi elahliwe.

125 Bukani uJosefa, wathengiswa ngezinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, cishe impela, izinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva. Mbukeni. Ngenkathi ezalwa, wayengumprofethi. Wayekwazi ukuprofetha, abikezele izinto ezizayo, achaze amaphupho, ngokomoya, ethandwa oyise, ezondwa . . . kayise futhi ezondwa abafowabo, lokho impela uJesu ayeyikho. Niyabo? Futhi waphonswa emgodini futhi kuthathwa ngokuthi ufile, wakhushulwa futhi wahlaliswa ngakwesokunene sikaFaro. Ayikho indoda . . .

126 Etilongweni lakhe . . . NjengoJesu ebethelwe esiphambanweni, etilongweni laKhe, kwakukhona owayelahlekile, oyedwa wasindiswa. Futhi uJosefa, kwabakhona oyedwa owalahleka, oyedwa wasindiswa, futhi wenyukela phezulu ngasohlangothini lukaFaro, futhi kwakungekho muntu owayengeza kuFaro, kuphela ngoJosefa. UJesu wenyukela eZulwini, futhi akekho oza kuBaba, kuphela ngoJesu. Futhi lapho uJosefa esesuka esihlalweni sobukhosi ukuba aphume, icilongo lakhala, futhi onke amadolo aguqa. "Guqani ngedolo! UJosefa uyeza." Futhi lapho uJesu esuka esihlalweni sobukhosi, wonke amadolo ayoguqa futhi zonke izilimi ziyovuma. Niyabo? Lowo kwakunguMoya kaMesiya kulawomadoda. Yingalesosizathu iZwi likaNkulunkulu leza kubaprofethi. Futhi lapha iZwi likaNkulunkulu eligcwele labonakaliswa ukuze kuhlengwe umuntu.

Manje, uma lokho kuyilokho Ayeyikho izolo, yilokho Ayeyikho namuhla. Khona-ke uPawulu wathi Uyoba njalo kuze kube phakade. Ngakho siyabona.

127 Manje, nakho kuphuma umJuda nomSamariya. Kodwa thina beZizwe, sasingabheke Mesiya, sasingamaRoma, nama-Anglo-Saxon, sikhonza izithixo, kanjalonjalo. Sasingabheke Mesiya, ngakho Akazange azikhombise Yena uqobo. Akazange nakanye Akwenze lokho ngaphambi kukaMesiya, e, phambi koweZizwe. Kutholeni eBhayibhelini, akukaze nakanye. Ngani na?

128 Manje, khumbulani, Angeke aguquke. Futhi ekupheleni kwesimiselo sesikhathi samaJuda nalabo . . . Uma Akufakazisa lokho ukuthi unguYe futhi avumele abeZizwe ukuba badlule, esayenseni yezenkolo nje, ngaphandle kokubona into efanayo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu. Wenza okuthile lapho ukuthi . . . ukuphela kohlanga lwabo, nesikhathi sabo Angakwenzanga lapha. Manje, Wakwethembisa na? Yebo. Ngokushesha manje, futhi ngizovala.

129 UJesu wathi kuLuka oNgcwele, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyakwazi lokho. Ake sibheke iSodoma, u-Abrahama, umfanekiso weBandla. Khumbulani njalo

kunezigaba ezintathu zabantu, lowo abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo. Kukuso sonke isixuku. Nampa beza.

130 U-Abrahama wayesefikile isikhathi eside, futhi wabona izimangaliso ezinkulu phambi kukaNkulunkulu, izibonakaliso ezinkulu. Manje, umele iBandla elikhethiwe. UNkulunkulu wanika u-Abrahama isivumelwano ngaphandle kwentambo eboshelwe kuso, wamsindisa ngomusa waKhe, noma, ngomusa waKhe, ngokungenambandela, ku-Abrahama neNzalo yakhe. Niyabo? Awumfuni uNkulunkulu, uNkulunkulu ufuna wena. Wena uthe, "Ngafuna futhi ngafuna." Qhabo, qhabo. KwakunguNkulunkulu efuna wena, nje ubungeke udedele, yilokho kuphela. Niyabo? Yilokho kuphela. UNkulunkulu ufuna umuntu, hhayi umuntu efuna uNkulunkulu.

131 Yona kanye imvelo yomuntu eyaboniswa ensimini yase-Edene, ngenkathi ona, esikhundleni sokuphuma futhi akuvume, wagijima. Kwakungeyena u-Adamu owayegijima edabula ensimini empongoloza, "Nkulunkulu, Nkulunkulu, Ukuphi na?" KwakunguNkulunkulu ethi, "Adamu, Adamu, ukuphi na?" Niyabo? Into efanayo namuhla. Niyabo? UNkulunkulu efuna umuntu, "Akekho ongeza uma uBaba waMi engamdonsi kuqala." Niyabo?

132 Manje, babelapha. Manje, u-Abrahama wayebone izinto ezinkulu phambi kukaNkulunkulu. Manje, u-Abrahama wayenesihlobo, umshana, okwakunguLoti. Futhi uLoti wayethathe ukukhetha kwakhe, ezansi ephila njengezwe, eSodoma. Niyayazi indaba na? Kwakukhona abaseSodoma, abangakholwayo; kwakukhona amakholwa asivivi, uLoti nomndeni wakhe; lapha kwakukhona u-Abrahama nomndeni wakhe, ngokwendawo behlezi *lapha*. Isikhathi sase sifikile sokuba uMlilo wehle. Kwenzenkani na? Lalelisisani manje ekuvaleni.

133 Ngelinye ilanga, kwakukhona iziNgelosi ezintathu ezenyukela phambi kwekhempu ka-Abrahama, Enye yazo kwakunguNkulunkulu qobo lwaKhe. U-Abrahama waMbiza ngo, "Elohim," okunguNkulunkulu, iNkosi yami, usonhlamvukazi u N-k-o-s-i, Okhona ngesingaye. Khuphuka . . . Ababili babo behlela eSodoma, futhi bashumayela iVangeli, futhi bazama ukubakhipha. Bonke abakholwayo abathi "Amen." Siyakukholwa lokho. ULoti waphuma.

134 Niyakhumbula ukuthi iZwi laKhe laliqine kanjani na? Ngisho iNgelosi yathi, "Ungabheki ngisho nasemuva." NomkaLoti waphenduka ukuba abuke emuva, ngoba abantwana bakhe nabazukulu babevutha ezaHlulelweni zikaNkulunkulu. Waphenduka, futhi umi lapho nanamuhla. Ufanele ulalele.

135 Wena uthi, "Ku . . . o, akwenzi mehluko ukuthi yini . . ." Kuyawenza umehluko. Isizathu owesifazane akakholwanga

iZwi nje elincanyana, okwabangela konke ukugula, ubuhlungu benhliziyo, ukufa, nakho konke okunye, kwakungu-Eva.

136 Futhi uJesu wathi, "Khumbulani umkaLoti." Wayenokuningi okwakumele akubheke emuva kunalokhu esinakho; abantwana bakhe nabazukulu bakhe babevutha eMililweni wokwaHlulela kukaNkulunkulu, futhi yena, lowo mama, wavele waphenduka wabheka emuva, kuphela wayalwa ukuba angakwenzi yileyoNgelosi, futhi yabuyela emuva noma kanjani, futhi umile, namhlanje, insika kasawoti, ihlazo, yonke iminyaka.

137 Qaphelani, manje, leziziNgelosi zafika, futhi ezimbili zaZo zehla futhi zashumayela kuLoti nasemndenini wakhe. Azizange zenze simangaliso esiningi, zenza izimangaliso ezimbalwa, njengokuphuphuthekisa amehlo lapho bezozibamba. Futhi ukushumayela iVangeli kuphuphuthekisa amehlo kwabangakholwayo. Kodwa babeshumayela, "Phuma lapha. Phuma eSodoma."

138 Kodwa lalelani, Lowo owayekhuluma no-Abrahama akashongo ukuthi, "Phuma eSodoma," ngoba yena neqembu lakhe babengekho eSodoma; lelo yiBandla elikhethiwe. Manje, khumbulani, uJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje, lalelisisani.

139 Futhi bangaki phakathi lapha abazelwe ngokusha na? Ake sibone isandla sakho. Umoya. . . Kulungile. Ufanele ukwazi ukuthatha inyama manje. Lalelisisani. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje, lezizithunywa ezimbili, izithunywa ezivelele, zangena lapho. ULoti wathi unikeze umlayezo wakhe, kodwa awuzwakali lutho kubo. Abazange bamnake, ngoba impilo ayiphilayo yakufakazisa, ibandla elisivivi. Ngisho nabantwana bakhe uqobo babengakholelwa ngisho nakuye.

140 Kodwa ngenkathi lezizithunywa zingena, babona ukuthi zazingamadoda esaba uNkulunkulu. Futhi uma iSodoma ingakawemukeli amadoda ayo esaba uNkulunkulu namuhla ku-Oral Roberts noBilly Graham, Angizange ngazi neyodwa, amadoda amesabayo uNkulunkulu, ebanyakazisa.

141 Bukani uBilly Graham, lowomvangeli omkhulu, phandle eSodoma lapho, eqhuma kakhulu, engenzi izimangaliso, kodwa, "Phumani lapha. Phendukani noma nibhubhe," uyamemeza. Futhi lalela, sibe namadoda amakhulu kusukela eminyakeni edlule, sibe noMoody, uWesley, uSankey, uFinney, uKnox, uCalvin, konke kwehle njalo. Kodwa asikaze sibe naso isithunywa, kulelobandla ngegama, esaphetha igama laso ngendlela efanayo u-Abrahama ayeyiyo, ukukhombisa ukuthi wayeyiNzalo ka-Abrahama, G-r-a-h-a-m ebandleni ngegama.

Sibe nazo zonke izinhlobo zamagama, kodwa alikaze lelogama. Yilokhu-ke.

142 Futhi manje, kwakukhona isiThunywa esithunyelwe eBandleni elikhethiwe, u-Abrahama. Bhekisisani ukuthi Wenzani. Wahlala phezulu lapho, futhi Wathi, "Abrahama," manje, khumbula usuku lwakuthangi, igama lakhe lalingu-Abrama, negama lomkakhe lalingu-S-a-r-a-i, uSarayi. Walishintsha laba nguSara, S-a-r-a, negama lakhe lalingu-Abrama liba ngu-Abrahama.

143 Buka lesisiThunywa manje, sibukeka njengomuntu, sigqokile, uthuli ezingutsheni zaSo, sihlezi, sidla amaqatha enyama yenkonyane, futhi siphuza ubisi, futhi sidla ibhotela, nesinkwa. Kunjalo. KwakunguNkulunkulu ehlezi lapho. Futhi Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" S-a-r-a. Wayazi kanjani ukuthi igama lakhe laliguqquliwe lisuka ku-Abrama laba ngu-Abrahama na? Wazi kanjani ukuthi Wayenenkosikazi na? Futhi Walazi kanjani igama lakhe ukuthi kwakunguSara na?

Futhi u-Abrahama wathi, "Usetendeni emva kwaKho." Qaphelani, iBhayibheli lasho ngokuqondile *emva* kwaKhe.

144 Buka lapha. Nakhu kuyafakazisa, "Ngi," isabizwana somuntu, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila, njengoba Ngakwethembisa." Niyabona ukuthi kwakuNgubani na? KwakunguNkulunkulu owayekade ekhuluma naye ngaso sonke isikhathi, ezansi nohambo, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kade eMkholwa. "Ngizokuvakashela ngokusho. . ." NoSara, manje, wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, no-Abrahama wayenekhulu. Ba—babengenakho ukuphila komshado, njengendoda nomfazi. Niyakwazi engikushoyo, nina bantu abadala. Niyabo, lokho. . . bona. . .lokho kwanqamuka kubo eminyakeni edlule, ngoba base bekhulile impela ngeminyaka.

145 Futhi wahleka yedwa wathi, [UMfowethu Branham uyafanekisa—Umhl.] esikubiza ngokuthi e—eStates, wahlekela ngaphakathi, niyazi. "Mina isalukazi, nomyeni wami ehlezi laphaya, emdala naye, futhi siyophinde sibe nezinjabulo, njengabasha ababili abashadile na?"

146 Futhi iNgelosi ngomhlane waYo ifulathele itende, "Uhlekeleni uSara, ethi lezizinto azinakwenzeka na?" Niyabona ukuthi yisiphi isibonakaliso iBandla elinaso na? Babenazo zonke ezinye izinhlobo zezibonakaliso, kodwa leso kwakungesokugcina.

147 Khona-ke ngenkathi inzalo ka-Abrahama, ngo-Isaka, inzalo yemvelo, umJuda, ifika ekupheleni kokuphila kwayo, nakhu kwakukhona lowoNkulunkulu ofanayo ebonakaliswa enyameni, ekhombisa isibonakaliso saKhe sobuMesiya, into efanayo. Manje, nakhu kufika abeZizwe, iNzalo yobuKhosi ka-Abrahama, ngoKristu, ekupheleni kweminyaka yabo,

ngezimfundiso zeminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Manje, amaPentecostal aqhubeka nokukhuluma ngezilimi, ukuhumusha, nokunye nokunye, futhi babenazo zonke izinhlobo zezimangaliso. Kodwa khumbulani, nakhu la sikhona, sisekupheleni konyaka, semukela isibonakaliso esifanayo abasemukela, emuva lapho, ekupheleni konyaka, ngaphambi nje kokuba uMlilo wehle. "Banumzane, Sithanda Ukubona uJesu." Unguye izolo, namuhla, naphakade.

148 Ubungabukani . . .? ngokuba lokho kuPhila okwakukuKristu bekuyoba seBandleni laKhe. Niyabo? UNkulunkulu . . . LowoMuntu wayenguNkulunkulu, ezimele Yena uqobo enyameni yomuntu, esimweni somuntu. Namuhla, uNkulunkulu uzimele Yena uqobo enyameni yomuntu weBandla laKhe. UNkulunkulu, uMoya oNgcwele, eBandleni laKhe, edabula eBandleni laKhe, ekhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, ephulukisa abagulayo, bese kuthi-ke isibonakaliso sokugcina, iZwi libonakaliswe kakhulu Lize libe yilo, umaHluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyo. Bangaki abakubonayo lokho futhi abakholwa ukuthi lokho kuliQiniso na? Asikhuleke.

149 Baba waseZulwini, izinhliziyo zethu zigcwele injabulo, kulobubusuku, ukwazi ukuthi uJesu usaphila. Iminyaka eyizinkulungwane ezimbili yokugxekwa akusoze kwaMguqula, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Izinhlelo zemfundo zizamile ukuMguqula, amahlelo amakhulu akhuphukile, futhi azama uku—azama ukuKuguqula, kodwa unguNkulunkulu ongaguqulekiyo, aKaguquki.

150 Ngolunye usuku, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, kwakukhona abangani ababili, behamba behla ngomgwaqo, izinhliziyo ezikhathazekile ekuseni ngePhasika. Bathi, bekhuluma ngokufa kwaKhe nokumbelwa kwaKhe, "Wayengake Ame kanjani ukuba afe na?" nokuba yiLowo ababecabanga ukuthi Wayenguye. Futhi uMuntu waphuma emahlathini futhi waqala ukukhuluma nabo. Babengazi ukuthi KwakuNgubani. Kodwa lapho kufika isikhathi sokuhlwa, cishe ngalesisikhathi soku—sokuhlwa, baMcela ukuba angene, phakathi endlini yezihambi, futhi ahlale nabo ubusuku bonke. "Celani niyakuphiwa." Bavala iminyango, futhi lapho etafuleni, Wenza into ethize ngendlela Enza ngayo ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, futhi baqonda ukuthi akekho umuntu owayengenza lokho njengaYe. Ngakho bazi ukuthi kwaKunguJesu, futhi Wanyamalala emehlweni abo. Base begijima, futhi babikela abanye abafundi, "Impela, iNkosi ivukile!" Futhi bathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

Siphe khona futhi, kulobubusuku, Baba. EGameni likaJesu siyakucela. Amen.

151 Ngiqale ukubona abantu behamba, futhi benganakile... Isikhathi sakho—sakho sasebusuku siza ngokushesha kakhulu enhla lapha. Niyabo? Ezansi ekhaya ngale—ngalesisikhathi sobusuku, o, sekube mnyama amahora ekhaya, kodwa lapha, kungukuthi...kubukeka sengathi ulaliswa phansi nje, ilanga seliyashona nje, ufanele uvuke futhi. Ngakho-ke kuyi... Ngiyaxolisa ngokunigcina isikhathi eside kangaka.

152 Sizovele sibize umugqa omfushane womkhuleko, kulobubusuku, futhi sikhulekele abagulayo. Ngiyazi ukuthi lokhu kuzoba kusha. Manje, ngizonicela okuthile okumele nikwenze. Futhi ake ngisho, uma wonke umuntu ezolokhu ehleli nje, imizuzu eyishumi nanhlanu ezayo nje, sizonibonga. Niyabo?

153 Manje, lamaNdiya ahlezi lapha, ngaphambili, kade esemihlanganweni ngaphambilini, izolo. Kodwa ngicabanga ukuthi abaningi benu bantu abangabamhlophe lapha, kanjalonjalo, anikaze nibe komunye wemihlangano. Kodwa khumbulani, Uselokhu enguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi manje, uma kuphela Ezongena phakathi kwethu lapha, futhi akhombise ukuthi Usenguye...

154 Manje, ingubo ibingeke yenze noma yimuphi umehluko, ngukuPhila, isenzo, esiMenza afane. Usebenza eBandleni laKhe. Akunandaba ukuthi Kusebenza kanjani ngami, Uzofanele asebenze ngawe, futhi, ngoba sobabili sakha ubunye baKhe. Nifanele nikholwe. Ngenkathi esemhlabeni, kwakunezimangaliso eziningi ezinkulu Ayengenakuzenza ngenxa yokungakholwa kwabantu. Niyabo? Ufanele uMkholwe, bese kuthi-ke phakathi kwakho kokubili, phakathi kwakho nami, nabanye abakholwayo, khona-ke sibona uKristu ebonakaliswa phakathi kwethu.

155 Manje, ngokushesha. Ngokuvamile, sikwenza ngokuhlukile, kodwa kulobubusuku, ngikholwa ukuthi uBilly Paul ungitshelile (Ukuphi na?), ukuthi ukhiphe umkhuleko, noma, ngabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Akekho lapha. Ingabe uwakhiphile amakhadi omkhuleko na? Ingabe ukwenzile na? Kulungile. Bhekani ngemuva, futhi nibone ukuthi hlobo luni lohlamvu okuyilo. Ingabe u-A, u-B, u-C, noma yini na? [Omunye uthi, "V."—Umhl.] Kuyini na? ["V."] V, V, kulungile. Futhi ngicabanga ukuthi—ukuthi kukhona obizayo...Unalo—unalo elesihlanu, noma elesithupha, noma elesishiyagalombili, noma eleshumi, noma eleshumi nanhlanu, noma amashumi amabili, noma amashumi amathathu, noma into efana naleyo e, noma ubani onenye yalezozinombolo na? Vele uthi, "Yebo." ["Yebo."] Kulungile. Khona-ke, kusuka kwelokuqala kwenyukele lapho-ke.

156 Asibize kusukela kwelokuqala-ke. Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Le ndoda lapha, woza ngapha, mnumzane. Inombolo

yesibili, ikhadi lomkhuleko lesibili. Ungasiphakamisa isandla sakho, noma ngabe ukuphi na? Ikhadi lomkhuleko lesibili. U-V, njengoVictoria. V inombolo yesibili, eyesibili ku-V. V inombolo yesibili. Kulungile. V inombolo yesithathu. Uma ungakwazi ukusukuma, sizokubiza. Inenekazi lapha, kulungile. Woza ngapha, Nenekazi. V inombolo yesine. Ubani onalelo na? Inombolo yesine. Ungasiphakamisa isandla sakho na? Kungasisiza kakhulu uma . . . O, ngiyaxolisa. Ngapha. Inombolo yesihlanu. Njengoba nje si . . . Kunjalo, kunjalo. Inombolo yesithupha. Ikhadi lomkhuleko lesithupha. Elesithupha. Ngabe wonke umuntu ukhuluma isiNgisi na? Uphi uMfowethu Eddie? Wonke umuntu ukhuluma isiNgisi na? Niyabo? Elesithupha.

157 Bengiphumele etafuleni lasesitolo lokudla kwasemini namhlanje, futhi kunesivakashi esisodwa lapha esikhuluma olunye ulwimi, omunye ngapha, olunye, noweta ekhuluma olunye ulwimi. Ngakho ngi—ngiyazi ukuthi kukhona ukuxubana kolwimi lapha. (Ini?) Isithupha? Isikhombisa. Kulungile. Ngezinye izikhathi bayizithulu futhi abezwa, khona-ke ngithola incwadi eya ehhovisi ithi, "Bona . . . Akekho owangitshela, ngangiyisithulu." Isikhombisa, isishiyagalombili, isishiyagalombili? Kulungile. Isishiyagalolunye, isishiyagalolunye, ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye. Buka kumakhelwane wakho, ubone ukuthi unalo yini ikhadi, libukeke *kanje*. Kungenzeka ukuthi uyisithulu manje, noma mhlawumbe ukhubazekile, futhi akakwazi nje ukusukuma, niyabo, noma into efana naleyo, khona-ke sizodingeka sibathwale. Inombolo yesishiyagalolunye.

158 Banayo . . . Ngikhulume isikhathi eside, futhi kube nabaningana abaphumile, mhlawumbe kube njalo. Manje, bazogeja inombolo yabo. Inombolo yeshumi, inenekazi lapho. Inombolo yeshumi nanye? Ishumi nanye? O, he, bazokwenza . . . [Omunye uthi, "Leyo ntombazanyana."—Umhl.] O, intombazanyana. Awu, ayibusiswe! Inombolo yeshumi nambili. Ngapha. Inombolo yeshumi nantathu, ishumi nantathu? Ngingakwazi yini . . . ? Qalaza futhi manje, ubone ukuthi akekho yini oyisithulu noma ongakwazi ukusukuma. Inombolo yeshumi nantathu. Ake sime kulokho.

159 Manje, ngiyacela, lapho nithola amakhadi enu, ungathathi ikhadi, ngaphandle uma uzohlala futhi . . . Isizathu ku . . . Manje, kusasa ebusuku, sizobiza kwenye indawo, niyabo, mhlawumbe kusukela emashumini amahlanu, sibuye emuva, namashumi amabili, sihambe ngenye indlela, noma into efana naleyo. Niyabo? Uzokugeja ngokuphelele, futhi awashintshaniseki, ufanele uwagcine.

160 Manje, umfana wehlela lapha ntambama, athathe amakhadi phezulu lapha phambi kwenu nonke, futhi awaxubanise onke ndawonye, futhi nje akunike ikhadi, noma ubani olifunayo, aze akhiphe *amaningi-kangaka* awo. Kodwa bangaki

owaziyo ukuthi abantu bayaphulukiswa kakhulu ngaphandle ezethamelini, kunabaphezulu lapha emsamo na? Bangaki abake baba kweminye yemihlangano yethu ngaphambilini na? Phakamisa isandla sakho. O, kuneningi lenu. Awu, he! Kungani ngingathathanga enye indaba kulobubusuku khona-ke na? Niyazi ukuthini . . . Niyabo? He, bengingazi ukuthi bengiphakathi kwalolohlobo. Kulungile. Khona-ke nina bantu phandle lapho kholwani ngenhliziyo yenu yonke.

161 Bangaki phandle lapho ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi nokho uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngiyakholwa." Kulungile. Ake ngikutshele okuthize, lokho okushiwo iBhayibheli manje, iBhayibheli lasho ukuthi ngesinye isikhathi owesifazane omncane, uthi, wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wakholwa ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu, futhi wathi, "Uma nje ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizophiliswa." Bangaki oyikhumbulayo indaba na?

162 Futhi ngenkathi Emthinta . . . Lapho eMthinta, Waphenduka, futhi Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi konke . . . Niyabo, Wayengazi, uJesu wayengeke aqambe amanga. Wathi, "Ubani oNgithintile na?" Futhi akekho owayazi. Ngakho emva kwesikhashana, Waqalaza phezu kwezethameli. Ukukholwa kwakhe, ngoba wezwa ngaphakathi kwakhe ukuthi umopho wakhe wase unqamukile, ukukholwa kwakhe kwakumphulukisile. Akakwazanga ukukubamba, ukukholwa kwakhe kwakukwenzile. Ngakho ukukholwa kwakhe kuKristu, Wambamba, futhi wamtshela ukuthi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na?

163 Manje, lalelisisani. Uma Esenguye njengoba Wayenjalo izolo . . . Bangaki abakholwayo ukuthi iBhayibheli liyasho ukuthi manje usengumPristi oMkhulu ongathintwa ngobuthakathaka bethu na? Awu, Ubengenza kanjani uma uMthintile na? Ngokufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na? Ngakho khulekani manje, nina eningenawo amakhadi omkhuleko, kumbe noma yini enye, khulekani, futhi nikholwe, futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ake ngiKuthinte, futhi ukhulume ngoMfowethu Branham. Wena unguMoya oNgcwele; Ulapha. Nginokukholwa kuWe, uMfowethu Branham unokukholwa kuWe. Uthunywe lapha ukuba asitshele ukuba . . . futhi washo ukuthi—ukuthi kwaku . . . mayelana nokuthi ubuKristu babuyini. Manje, ake . . . Khuluma ngaye njengoba Wenzile, futhi ngizokukholwa. Amen."

164 Manje, kulungile. Manje, hloniphani ngokuzithoba ngempela. Ngingazulazuli, ngiyacela. Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ngenxa kaNkulunkulu nangenxa kaJesu Kristu. Manje, uma ulandela imihlangano noma yikuphi, niyazi ukuthi kwenzekani, into ethile ingenzeka kabi kakhulu. Niyazi,

ukubonile kwenzeka. Niyabo? Ngakho hlalani nithule ngempela, futhi uphendule ngokushesha nje, yenza noma yini Akutshela ukuba ukwenze manje. INgelosi yeNkosi iseduze. "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu."

165 Manje, noma yimuphi kini oke asibone isithombe saleyoNgelosi abasithola eWashington, lokho kuKhanya, leyoNgelosi yeNkosi na? Banakho lapha, ngiyacabanga, amadoda anakho lapha. Manje, uma Lowo kunguMoya ofanayo lapha, njengoba Wawunjalo ngaleyonkathi, Uzobonakalisa iZwi, njengoba Wenza ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na? Isizathu Lowo kwakunguJesu ehlane, KwakunguJesu ngenkathi Enziwa inyama, ngenkathi Evuswa kwabafileyo WayenguJesu, ngenkathi Libuya lisesimweni sikaMoya oNgcwele KwakusenguJesu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

166 Manje, akekho engimaziyo esakhiweni. Angibazi lababafana abahlezi lapha, bangabafana abangamaNdiya abavela phezulu lapha ezabelweni, kodwa mina . . . bebesemhlanganweni. Ngiyazi ba—bavela enhla lapho, kodwa angi—ngiwazi amagama abo. Futhi ngaphandle kwalokho, kukhona . . . Ngi—ngiyazi ukuthi bakhona abantu abathize phakathi lapha . . . Nginabathi ababe babili be . . . Ngikholwa ukuthi lowo ngubaba kaMfowethu Borders, ohlezi khona lapho, ngi—ngicabanga ukuthi kunjalo, khona kanye ekhoneni. Futhi—futhi lowo ngomunye umfowethu, ngiyalikhohlwa igama lakhe, nomkakhe nengane, ehlezi emuva khona lapho, kodwa bavela ngalapha ndawo ndawo, ngahlangana naye ezinsukwini ezithi azibe mbili ezedlule. Futhi ngaphandle kwalokho, angiboni muntu phakathi lapha ukuthi mina . . . UMfowethu Eddie, nalendoda nowesifazane, yebo, ehlezi khona lapha, badlala umculo.

167 Wonke umuntu kulomugqa womkhuleko owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho, osemgqeni womkhuleko lapha. Phakamisa izandla zenu, uma wena . . . uma—uma ngingazi lutho ngawe, phakamisa izandla zenu. Kulungile. Bonke phandle lapho, ezethamelini, owaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu. Kulungile. Nakho la ukhona.

168 Manje, nakhu kumi indoda, ngokokuqala kwethu ukuhlangana. Angi . . . O, kungenzeka ukuthi ibisemhlanganweni ndawo ndawo, noma into efana naleyo, kodwa ngiqonde, ukumazi, angimazi. UNkulunkulu uyamazi, angimazi, kodwa lapha sihlangana okokuqala. Manje, angazi ukuthi yini ulapha . . . Niyangizwa, kuzo zonke izethameli na? Niyabo? Kulungile. Manje, lalelisisani ngempela.

169 Manje, angazi ukuthi uKristu uzokwenza, kodwa uma Ekwenza, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi "sithanda ukubona uJesu." Unguye izolo, namuhla, naphakade. UbuKristu, ngishilo esikhathini esedlule, babukholekisa

lapho bufundiswa ngobulula beZwi, bese ubuphila ngendlela okufanele buphilwe ngayo, njengoKristu, hhayi umKristu, uKristu ekholweni elingumKristu.

170 Manje, uma ubulapha ngenkathazo yezezimali, manje ngizoba...usizo oluncane kakhulu engingaba nalo kuwe. Uma ulapha ngenkathazo yezasekhaya, Bengingeke ngazi ukuthi ngisenze kanjani isikhathi sokukhuluma nawe nomkakho, uma unaso. Uma kulapha ngenxa yokugula, akukho ebengingakwenza ngakho, kuphela ukubeka izandla zami phezu kwakho. Kodwa kuthiwani ukuba wena, uthi, ubulapha ngokugula, futhi ngikhuphuke, futhi wena, uthi, ubunomdlavuza, futhi ngiyakhuphuka, ngathi, "Mnumzane, yini inkinga ngawe na?"

Ubungathi, "Nginomdlavuza, mnumzane."

171 "Udumo kuNkulunkulu. UJesu wathi, 'Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Beka izandla phezu kwabagulayo,' Haleluya! 'bayosinda.' Ayibusiswe iNkosi, qhubeka." Awu, lokho bekungaba yiqiniso. Niyabo? Lokho bekungaba yiqiniso. Niyabo? Akukho esingakusho ngokumelene nalokho. Kodwa manje, yini...Ubuyoba ne...zibuze... ngalokho, Mfowethu.

172 Kodwa manje, ukuba uKristu uyafika futhi akutshele lokho obuyikho, noma into ethize oyenzile, noma ukutshela ukuthi iyini inkathazo yakho, noma into ethize e, njengoba Enzile eBhayibhelini, ngikhulume ngakho, kulobubusuku na? Khona-ke ubuyokwazi ukuthi lokho bekufanele kuvele emandleni angaphezu kwemvelo. Ngabe kunjalo na? Ngabe izethameli beziyokukholwa lokho na? Kufanele kufike kokungaphezu kwemvelo, ngoba nali iBhayibheli phezu kwenhliziyo yami, ngokuthi ngake ngayibona indoda, UNkulunkulu eZulwini uyazi ukuthi angikaze ngiyibone, ngokwazi kwami, ngaphandle uma ngiyedlula emgwaqeni, noma ihlezi emhlanganweni ndawo ndawo, noma into ethize efana naleyo, kodwa ukumazi, angimazi. Kunjalo.

173 Lapha simile. Manje, uMoya oNgcwele wembula kimi inkathazo yakho, noma okuthize ngakho, khona-ke sizokwazi ukuthi sesimbonile uKristu ofanayo. Manje, niyazi kuzofanele kube amandla angaphezu kwemvelo. Nonke niyakwazi lokho. Abanye benu bangathi, "Awu, akusikho okukaNkulunkulu." Kulungile, yilokho okwashiwo abaFarisi, unalolohlobo lomvuzo. Uma KunguNkulunkulu, uhlambalaze uMoya oNgcwele, futhi akukho ukuthethelelwa ngakho. Niyabo? Manje, uma ukholwa ukuthi NguNkulunkulu, khona-ke uthola umvuzo kaNkulunkulu. Khumbula, akusimina, NguYe. Niyabo? Yena, uKristu.

174 Yebo, mnumzane. Niyabona, kukhona lokho kuKhanya okumzungezile ngqo, khona manje. Uyakwazi lokho, umuzwa

omnandi wangempela, onomusa ukuzungezile. Kunjalo, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Niyabo? Kunjalo. Awukuboni lokho kuKhanya na? Emerald? Nangu Yena. Ube ngaphansi kwalokhu kuhlupheka isikhathi eside, yisimo sokukwethuka. Ube sesimweni esinjalo, kangangokuthi awukwazi ukusebenza isikhathi eside, uvele uhlehle njalo njalo.

175 Ngi . . . Yonke imihlangano ngithola umuntu onganaki. Kungani ungabaza na? Omunye uthe, "Ukuqagelile lokho." Angizange ngikuqagele.

176 Ngenkathi uSimoni Petru efika eNkosini yethu, Yamtshela ukuthi wayengubani. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Ngabe bekuyokwenza uqonde ukuthi ngikutshele iqiniso ngalesosikhathi, ukuthi ukwethuka kwakho sekuphelile? [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa."—Umhl.] Uyakholwa na? ["Ngiyakholwa."] Mnu. Ripping, hamba, ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uphiliswe.

UyaMkholwa na? Uyamkholwa uKristu na? Manje, manje, mbuzeni. Uma niyazi indoda, ubuzeni.

177 Hloniphani ngempela. Ngiyacela, ningazulazuli. Niyabo, ungumoya, futhi lapho unyakaza kuyathintana, futhi kulokhu kungidonsa nje. Hlala nje lapho futhi ukholwe, yiba nokukholwa. Vele uchithe eminye imizuzu embalwa.

178 Sawubona, nenekazi? Siyizihambi omunye komunye. Si, ya, ngicabanga ukuthi umdala kancane kunami, futhi mhlawumbe sizalwe ngokuhlukana ngeminyaka, nokuqhelelena ngamamayela. Lapha sihlangana okokuqala, njengoba iNkosi yethu yahlangana nowesifazane, ngesinye isikhathi, emthonjeni, uJohane oNgcwele 4, eSikhari. Futhi Wakhuluma naye isikhathi eside ngokwanele ukuthola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, futhi wakukholwa. Futhi wahamba futhi wathi, "Wozani, nibone uMuntu, Ongitshele ukuthi inkathazo yami iyini. Akuyena yini uMesiya lowo na?" Ubungakholwa into efanayo, mina nawe sihlangana ndawonye na? Ngabe wonke owesifazane phakathi lapha angakholwa into efanayo na?

179 Nasi isandla sami eBhayibhelini, angikaze ngimbone owesifazane, angazi lutho ngaye, kodwa nangu emi, ubonakala njengomuntu olungile. Yebo, inenekazi liyahlushwa, into eyodwa, ngiyalibona lizama ukuphuma embhedeni, yisifo samathambo, linesifo samathambo. Futhi khona-ke enye into, awuzwa kahle, awuzwa kahle kakhulu. Kunjalo. Enye into, unenkathazo ngobuso bakho, ngiyabona ube nokuhlinzwa. Umyeni wakho laphaya uyagula naye. Kunjalo. Uyakholwa manje Uzokusindisa na? Kulungile. Hamba, ukukholwe, futhi ungaba nakho lokho okucelile, eGameni leNkosi uJesu.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa ngakho konke okukuwe manje. "Uma ungakholwa . . ."

180 Sawubona? Ngiyisihambi kuwe, uyisihambi kimi, uKristu uyasazi sobabili. Ngiyacabangela, ngikubuka, ungumNdiya, ungumNdiya. Kulungile. Manje, lapha sihlangana njengokungathi . . . Nangu—nangu impela uJohane oNgcwele 4. Nansi indoda emhlophe nowesifazane ongumNdiya, behlangana lapha ndawonye, njengoJesu, engumJuda, futhi yena engumSamariya. Wamazisa, ngokushesha impela, ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu wazo zonke izinhlanga, futhi lokho kunjalo.

181 Manje, uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okusenhliziyweni yakho, noma okuthize ngawe, uzokwazi ukuthi kuyiqiniso, noma qha. UzoMamukela futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho yini, futhi ukholwe ukuthi UnguMesiya ovukile, futhi NguMoya waKhe owenza lokhu na? Uzokukholwa na? Sengathi uNkulunkulu angakupha isicelo sakho. Ngibona omncane, yingane. Ukhulekela ingane, ingane yakho, isesibhedlela. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini ingane . . . indaba ngengane na? Inenkathazo yenhliziyo, futhi uyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzoyisindisa. Ungakungabazi, uNkulunkulu ukunika isicelo sakho. Hamba manje, futhi uyekele ingane yakho iphile. Manje, ungangabazi, kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

Uyakholwa na? Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Singabafokazi omunye komunye; iNkosi uNkulunkulu iyasazi sobabili nokho.

182 Wenza okuthile ezethamelini, futhi angizange ngikubambe ngaleyonkathi nje, othile ekhuleka. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ngoba UnguNkulunkulu, Angeke ehluleke.

183 Buka lapha, umzuzu nje. Kungukuthi . . . Uma bengingakusiza futhi ngingayikukwenza, khona-ke bengingeke ngifanele ukuma emva kwepulpiti, lapha, neBhayibheli. Leyo nkathazo yendlala yesinye iyakushiya. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uNkulunkulu uyakusindisa. Uthinteni na? Umphetho wengubo yaKhe. Niyabo? Uyakholwa. AKamangalisi na?

184 Isifo samathambo, indoda, ihlezi, ingibuka, ifake izibuko, uma uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke, uNkulunkulu uzokusindisa. Uyakukholwa na? Uyakwamukela na? UNkulunkulu akubusise. Unalo ikhadi lomkhuleko na? Awulidingi, ukukholwa kwakho kuyakuphilisa. Amen.

185 Uthinteni yena na? Niyabo, ubehlezi lapho ekhuleka, futhi uthinte umPristi oMkhulu, umPristi oMkhulu uphendukela eBandleni laKhe futhi uyakhuluma. "Mnumzane, sithanda ukubona uJesu." Awuboni ukuthi Uyaphila na? Asikhonzi

uNkulunkulu ofile, UnguNkulunkulu ophilayo. Lowo nguYe. Lobo nguBukhona baKhe, lokho Akwethembisa khona lapha, iBandla lithola isibonakaliso saLo sokugcina, ngaphambi nje kokuba uMlilo wehle manje. Yiba nokukholwa nje, ungangabazi.

186 Manje, nali inenekazi elincane, angilazi, angikaze ngilibone, siyizihambi ngokuphelele. Kodwa uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula kimi okuthile ngowesifazane, kuzonenza nonke nikholwe, futhi nizokwazi ukuthi Ulapha na? Niyakukholwa ngenhliziyo yenu yonke na?

187 Ngingakwazi, kodwa nokho uNkulunkulu ekwazi, naseBukhoneni baKhe, njengoba sima, ungumKristu, futhi uhlushwa ubuthakathaka, okufana nenkathazo yenhliziyo. Lapha, inhliziyo ebuthakathaka nje. Kukhona okuxakile ngawe, nokho, ngibona amanzi agingqikayo. Niyabo? Uyisithunywa senkolo, futhi uzama ukuthola amandla okubuyela endaweni, yi—yi—yiBrazil. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungabuyela emuva futhi ushumayele iVangeli, futhi ube yisithunywa senkolo.

188 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Ungangabazi nje, kodwa kholwa, ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi iNkosi yethu uNkulunkulu noBaba waseZulwini ulapha. Kuthiwani uma ngingashongo ngisho lutho kuwe, ngivele ngibeke izandla phezu kwakho. Ubungakholwa ukuthi uzophila na? Ubungakwenza na? Ukwenzile khona lapho. Awu, u—uphulukisiwe, ngenkathi uhlezi esihlalweni sakho, ngenkathi usukuma. Lowomuzwa oyinqaba ngempela ufike phezu kwakho. Ngikubonile uthathe indawo yakho emgqeni womkhuleko. Sekuphelile. Hamba. UNkulunkulu akubusise.

Woza. Ngenkathi esukuma, lokho kuKhanya kumshayile owesifazane, yingakho ngisho masinyane, lapha bekuyiNgelosi yeNkosi.

189 Sawubona? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyayiphulukisa inkathazo yenhliziyo, uphilisa abantu na? Uphulukise inhliziyo yakho, futhi. Ngakho qhubeka nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi," futhi ukholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uNkulunkulu uzokusindisa.

190 Sawubona? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, inceku yaKhe na? Uyakholwa na? UNkulunkulu uyasiphulukisa isifo samathambo futhi, Akasiphulukisi na? Uyakusindisa futhi. Uyakukholwa na? Kulungile. Qhubeka, isifo sakho samathambo sizokushiya. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

191 Ukhumule izibuko zakho ngaphambi kokuba ufike lapha. Kulungile. Kodwa lokho akuyona into esemqoka. Ufuna ukuhamba uyodla isidlo sakho sakusihlwa, naleyonkathazo yesisu endala izokushiya, futhi uyasindiswa? Hamba udle, uJesu

Kristu uyakusindisa. Kholwa manje, ngayo yonke inhliziyo yakho.

192 Lona wesifazane ungowesifazane onokwethuka, onokwethuka ngempela, futhi sekufike endaweni esiswini sakhe siyamkhathaza ngakho, yisisu esinokwethuka, isimo emgudwini wokudla e—esiswini. Uyakholwa ukuthi ungahamba udle manje na? Uyakwemukela, futhi uyakukholwa na? Kulungile. Hambake ukholwe, eGameni . . . Manje bheka, empeleni akusona isisu sakho, yimizwa yakho. Ngakho ufanele nje ubambe ukukholwa, futhi uqhubeke uphumele lapho, futhi uphile. UJesu Kristu uzokusindisa, uma ukukholwa.

193 Kulungile. Letha intombazanyana. Sawubona? Uyintombazanyana enomoya omuhle. Uyakholwa ukuthi ngenkathi uJesu elapha Wathatha amantombazane amancane, njengawe, wayesebeka izandla zaKhe phezu kwawo na? Futhi uma ayenesifo samankanka esidala, kabi njengoba unaso, uyakholwa ukuthi azosinda na? Uyakholwa ukuthi Ungithumile, ngibeka izandla zami phezu kwakho na? Kulungile, khothama. Baba waseZulwini, ngiyamlahla lowodeveli ohlupha lomntwana, kwangathi kungamshiya, lesisimo sesifuba somoya, futhi singaphinde sibuye. NgeGama likaJesu. Amen. Hamba, manje, s'thandwa, uzosinda, futhi ukholwe uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho.

194 Khuphuka, dade. Sawubona? Siyizihambi, kodwa uNkulunkulu uyasazi sobabili. Ngabe kunjalo na? Manje, abesifazane abacishe babe nguntanga yakho ngokuvamisile baba nesimo sokwethuka noma kanjani. Usube naso isikhashanyana impela, futhi sikushiye nesisu esibi, awukwazi ukudla. Ngikubona uhlehla usuka etafuleni, ushiya izinto ukuthi . . . kodwa awusadingeki ukwenze lokho manje. Uyakusindisa. Hamba udle. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, eGameni leNkosi uJesu.

195 Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke, phandle lapho na? Uma ungakholwa, zonke izinto ziyenzeka. Indoda ehlezi lapha, eceleni kwenenekazi, ibuka, manje, kimi ngqo, inkathazo yendlala yesinye, ukwethuka, ukuvuka ebusuku, ubucabanga ukuthi Ubeyokugeja, kodwa Akazange. Ubukhulekela lokho. Phakamisa isandla sakho, uma lokhoy kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Konke sekuphelile manje, hamba uye ekhaya, uphumule kahle kulobubusuku. UJesu Kristu uyakuphilisa.

196 "Banumzane, sithanda ukubona uJesu." UyaMkholwa na? Mangaki amakholwa akhona esakhiweni na? Phakamisa isandla sakho. UJesu washo lokhu futhi: "Lezi zibonakaliso ziyakulandela abakholwayo." Ngabe kunjalo na? "Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda." Ngabe yilokho Akusho na? Awu, uma Elapha manje, futhi niyabona ukuthi Ulapha, Angeke aligcine iZwi laKhe kini na? Khona-ke bekani

izandla zenu phezu komunye nomunye; bekani izandla zenu nje phezu komunye nomunye. Kulungile. Lokho kulungile. Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, nina enifuna ukukholwa.

197 Manje, uma uyikholwa, khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye. Yebo, mnumzane, naleyo TB, ungabe usazikhathaza ngayo, isihambile, yiba nokukholwa. Buyela ezabelweni udumisa uNkulunkulu, konke sekuphelile. Nginiphosela inselelo ukuthi nikukholwe. UJesu Kristu uyaphila kulobubusuku; Ulapha, phakathi kwethu, khona manje. Wena—wena khulekela umuntu obeke izandla zakho kuye, ngoba bayakukhulekela. Asikhothamise amakhanda ethu manje.

198 Baba wethu waseZulwini, sibusiseke kakhulu, kulobubusuku, ukubona uMoya oNgcwele omkhulu uza kithi lapha, kulesisiqhingi, kulobubusuku futhi eZibonakalisa njengeNkosi evukile, enguye izolo, namuhla, naphakade. Amakholwa ahlezi lapha, abeke izandla zawo phezu komunye nomunye; bayakhulekelana ngenkathi uBukhona baKho bulapha.

199 O Nkulunkulu, abantu bangaba ndikindiki kakhulu emoyeni baze bangakwazi ukubona uBukhona baKho na? Khona-ke siyazi, Nkosi, balahlekile Phakade. Kodwa, Baba, lona abantu lapha abakholwa ukuthi Ulapha futhi sebelungele ukuKwemukela, babeke izandla zabo komunye nomunye. Ngibe buthakathaka, futhi ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ukuthi Uzothumela isiqinisekiso sokukholwa enhliziyweni yabo, ukwemukela uKristu, uMphulukisi omkhulu, enhliziyweni yabo Esekhona. Siphe khona.

200 Futhi Sathane, wena obabopha ngalobu buthakathaka nezifo, ngiyakucasula. Uyisidalwa esihluliwe, udaluliwe lapha. Abantu abakulalele bayazi, kulobubusuku, ukuthi udaluliwe, futhi awusakwazi ukubabamba. Uqamba amanga nje, futhi sithatha indawo yokuqala ngokusho ukuthi simi eGameni likaJesu Kristu, Owavuka ethuneni, futhi ngeGazi laKhe nokuPhila Wanqoba futhi wakuphuca lonke igunya owawunalo. Awunalo igunya, uyethusa, futhi sikubiza ukuthi ushiye lababantu. EGameni likaJesu Kristu, phuma kubo ukuze baphiliswe!

201 Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, futhi uNkulunkulu uyakubavusa. Uma uyikholwa langempela, futhi ukholwa ukuthi useBukhoneni bukaKristu, futhi ufuna ukwamukela ukuphulukiswa kwakho, angikhathali ukuthi ukhubazeke kangakanani, ukuthi iyini inkathazo yakho, yima ngezinyawo zakho ngokukholwa, ukholwa futhi uJesu Kristu uzokuphilisa. Sukuma, akunandaba ukuthi yini engalungile, sukuma noma kanjani, uma ukukholwa. Amen. Nazo izethameli zonke ngezinyawo zazo. NaNgu, uMoya oNgcwele omkhulu

ehamba phakathi kwenu. "Ngi—ngiyaMthanda, ngiyaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Asiphakamise izandla zethu, futhi siMnike udumo manje.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala

NiyaMthanda na? Phakamisani izandla zenu, futhi niMdumise, futhi niMtshele ukuthi niyaMthanda.

202 Baba waseZulwini, siyaKubonga ngobuhle baKho, ngomusa waKho, ngesihawu saKho, ngokukholwa kwalababantu. Nkulunkulu, funisisa lelidolobha elikhulukazi. Phumani phakathi lapha, siyakhuleka ukuthi abantu bazokwenza, Nkosi, futhi bazongenisa abagulayo, izimpumputhe, izinyonga, izishosha, nabahluphekile, futhi sengathi amandla avusa uJesu ethuneni angeza ngaphambili futhi afakaze kulesisiqhingi, ngaphambi kokuba isikhathi sedlule kakhulu, ukuthi uJesu Kristu uyaphila, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

203 Manje, Mnikeni udumo. Phakamisani izandla zenu futhi niMdumise, futhi uNkulunkulu abe nani size sibonane. Kulungile.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


Voice Of God Recordings

P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.

www.branham.org